UMANDULELI WEMVUSELELO

Vol. 66, No. 4

UKUYA EZWENI LONKE

Iviki lomkhuleko:

Zibandlela 5-14, 2025

UMANDULELI WEMVUSELELO

KULOLUDABA

Umhleli……..*4*
Basilindile

1. Ubizo Lwethu Olukhulu

Sitshelwa ukuthi siqhubekele phambili, kanye noMninimandla Onke
Ohola indlela eduze kwethu……...6

2. Eduze Komlilo

Uthando oluvela ebudlelwaneni obufudumele bohlelo lwasekhaya lingabekezelela iphakade…….12

3. "Bapheni Nina Ukudla"

Nalapho izinto zibonakala zingenakwenzeka, amandla
Adalayo kaSomandla aseduze……18

4. Ezindleleni Nasezintangwini

Ilungelo elinjani lokushumayela ebantwini bezinhlanga zonke, amazing onke, kanye nemiphakathi tonke……25

5. "Ukukholwa Kwakho Kukusindisile"

Noma ngumuphi onesifo esinjani uyanxuswa ukuba acele ngokukholwa kwiNyanga Enkulu……32

6. Uzalelwe Ukondla Nokukhonza

Kufanele sibonge kanjani ukuba sifunde futhi sikhulise imikhuba yokusebenza eminyakeni yobuntwana bethu……38

7. Ukwenza Abafundi

Abazali nabothishela banomsebenzi ongcwele wokwaba imfundo ngezinhloso zaphakade ……..44

Ukuphuma Manje

Isicelo senkondlo sinikeza amandla nokukhulisa insimu yomsebenzi wethu ……51

UKULUNGISELELA UKUHAMBA

Omunye unyaka udlulile….Sibonga kangakanani ukuba sisaphila ezweni labaphilayo! UNkulunkulu ngomusa wakhe usinikile esinye isikhathi esengeziwe; masithokoze zijabule ngaso. Ivili Lomkhuleko ekupheleni konyaka kaningi lisinikeza ithuba elithelayo lokuhlola izinhliziyo zethu nokusondela eduze kubazalwane bethu ngokufanayo abathokozela ukukholwa okuyigugu ekubuyeni masinyane kukaJesu.

Kulonyaka, sizobe sigxile emandleni, emsebenzini oqinisayo-wokuhambisa iqiniso lanamuhla emhlabeni wonke. Uma lomsebenzi wenziwa ngokushesha, kuzoba kuhle kuwo wonke umuntu!

UJenene wethu, ongalenzi iphutha, uthi kithi, Qhubekelani phambili. Ningene ezindaweni ezintsha. Phakamisani ibhanela, nimise izikhumbuzo yonke indawo. Makwazeke ukuthi uNkulunkulu unabantu emhlabeni labo abangakhohlwanga ukuthi uNkulunkulu unomthetho, oboshelwe kuzo zonke izihlakaniphi ezingabantu.”1

Njengoba singena kulezifundo ngomkhuleko kwisihloko esithi, *Hambani Niye Emhlabeni Wonke,* ngenhloso yokuhambisa ngokukhuthala lomsebenzi obalulekile, ukujabula kwethu kuzoqhubekela phambili ngesilinganiso esikhulu.

Masiqiniseke ukwabelana nesibusiso esikhulu nabanye abahlala ngabodwa noma abasekhaya, futhi khumbulani izinsuku ezilandelayo:

Umkhuleko kanye nokuzila ukudla: ISabatha, Zibandlela 13

Umnikelo wamasimu: NgeSonto, Zibandlela 14

Ngumkhuleko wethu ukuthi leliviki Lomkhuleko lingakhuthaza ngokushiseka umuntu ngamunye ukuqhubekela phambili ngokwethembeka emsebenzini njengezisetshenziswa zokukhanya, ezibhoboza ubumnyama obusemhlabeni. Amen.

Uhla Lomhleli

BASILINDELE

Iningi lethu lijwayelene namava kaFiliphu lapho ebizwa ukuthi akhulume kwindoda enesithunzi evela eEtiyopiya.

“Kepha ingelosi yeNkosi yakhuluma kuFiliphu, yathi, Suka, uye ngaseningizimu endleleni ephuma eJerusalema eyehlela eGaza; yona iyihlane. Wayesesuka wahamba: Bheka, nansi indoda yase-Etiyopiya, umthenwa, isikhulu sikaKhandakhe inkosikazi yase-Etiyopiya, ebiphezu kwengcebo yayo, yonke, ebifikile eJerusalema izakukhuleka; isibuya, ihlezi enqoleni yayo, ifunda umprofethi uIsaya. UMoya wathi kuFiliphi: Sondela, unamathele kuleyonqola. UFiliphu wayesegijimela kuyo, wayizwa ifunda umprofethi uIsaya, wathi: Uyakuqonda kambe lokhu okufundayo? Yona yathi: Ngingakwazi kanjani, uma kungekho ongiholayo? Yamnxusa uFiliphu ukuba akhwele ahlale nayo….UFiliphu wavula umlomo wakhe, eqala kulowombhalo washumayela ivangeli ngoJesu” (Izenzo 8:26-31, 35).

Lena akuyona indaba nje, kodwa isehlakalo somlando wangempela. Ingabe siyabheka ukuthi iqondene nathi sonke manje-na?

“LoMtopiya ufanekisa inani elikhulu elidinga ukufundiswa abashumayeli abafana noFiliphu-abantu abazolizwa izwi likaNkulunkulu baye lapho ebaholela khona. Baningi abafunda imiBhalo abangeke baqonda incazelo yayo. **Emhlabeni wonke abesilisa nabesifazane babheke ngokulangazela ezulwini. Imikhuleko nezinyembezi nemibuzo ziyenyuka zivela kwimiphefumulo ekhalela ukukhanya, ngomusa, woMoya Ongcwele. Abaningi basemngceleni wombuso, balindele kuphela ukungeniswa ngaphakathi.**

“Ingelosi yaholela uFiliphu kulowo obefuna ukukhanya futhi elungele ukwamukela ivangeli, namuhla izingelosi zizohola izinyawo zalezo izisebenzi ezizovumela uMoya Ongcwele ungcwelise ulwimi lwazo nokuhlanza futhi usize izinhliziyo zabo. Ingelosi eyathunyelwa kuFiliphu yayinakho ukwenza lomsebenzi

kumTopiya, kodwa akuyona indlela kaNkulunkulu yokusebenza. Kuyicebo Lakhe ukuthi abantu kufanele basebenzele izihlobo zabo.

"Ngethemba elanikezwa abafundi bokuqala, abakholwayo bezikhathi zonke ababelana ngazo. Wonke umuntu owamukele ivangeli unikwe iqiniso elingcwele ukulabela umhlaba. Abantu bakaNkulunkulu abathembekile balokhu bengabashumayeli abahlaselayo, ngokuhlela izimali zabo nokuhlonipha igama Lakhe besebenzisa ngokuhlakanipha amathalenta abo emsebnzini Wakhe.

"Umsebenzi wokuzidela kwamaKristu asendulo kufanele ube yisifundo esiyigugu kithi nesinogqozi. Amalunga ebandla likaNkulunkulu kufanele avuthe ngemisebenzi emihle, azehlukanise ekufiseni izinto zomhlaba ahambe ezinyaweni Zakhe ezazihamba zenza okuhle. Ngezinhliziyo ezigcwele isihawu nozwelo, kufanele bafundise labo abadinga usizo, balethe izoni elwazini lothando loMsindisi. Umsebenzi onjalo udinga izisebenzi ezizamayo, kodwa uletha umvuzo onothile. Labo abahlanganyela kuwo ngokuzimisela ngenhloso bazozuzela imiphefumulo kuMsindisi, ngomfutho ozosiza ukuqhubeka komsebenzi wothumo olungcwele ongenakuvinjelwa.

"Awubekwa phezu komfundisi ogcotshiwe othwaliswe ukuziphendulela bokuqhubekela phambili ukuphelelisa loluthumo. Wonke owamukele uKristu ubizelwa ukusebenzela insindiso yabahlobo bakhe….

Uthumo loMsindisi lunikezwe bonke abakholwa egameni Lakhe. UNkulunkulu uzothumela esivinini Sakhe abaningi abanikele kulemfundiso ngokubabeka izandla zabo." 1

"Kumava kaFiliphu noMtopiya kuvezwa umsebenzi lowo iNkosi ebiza abantu Bakhe….Kukhona labo emhlabeni abafunda iMibhalo, abangasoze baqonda incazelo yawo. Abesilisa nabesifazane abanolwazi ngoNkulunkulu bayadingeka ukuba bachaze izwi kulemiphefumulo." 2

Ume uthe wabusiswa ngalolwazi, ungomunye wabo!

Okuphathelene

1. *The Acts of the Apostles,* pp. 109, 110. [Ukuigcizelela kuyengezwa]
2. *Testimonies to the Church,* vol. 8, p. 58.

NGOLWESIHLANU, ZIBANDLELA 5, 2025

UBIZO LWETHU OLUKHULU

OKUHLANGANISWE KUVELA EZINCWADINI

ZIKA ELLEN. G. WHITE

Ubizo lokubeka konke phezu kwe-altare lomsebenzi ovela komuntu ngamunye. Akusibo bonke abacelwe ukuba bakhonze njengoElisha, noma sicelwe sonke ukuba sithengise ngakho konke esinakho; kodwa uNkulunkulu ucela ukuba sibeke phambili umsebenzi Wakhe ezimpilweni, singavumeli nosuku olulodwa ludlule ngaphandle kokuthuthukisa umsebenzi Wakhe emhlabeni. Akalindeli kubo bonke umsebenzi ofanayo. Omunye angabizwa ukuba asebenze emazweni akude; omunye angacelwa ukuba anikele ngemali yakhe ukuseka umsebenzi wevangeli. UNkulunkulu wamukela umnikelo womuntu ngamunye. Kungenxa yokuzingcwelisa okuzokuzwa kulalele ubizo oluvela eZulwini.

Kubo bonke ababa ngabahlanganyeli bomusa Wakhe, iNkosi ikhetha umsebenzi wabanye. Ngabanye kufanele sime endaweni yethu, uthi, “Nangu mina; ngithume.” Uma umuntu angaba ngumfundisi Wezwi noma inyanga, noma angaba umthengisi noma umkhandi wezimoto, ukuziphendulela kuhlezi phezu kwakhe. Ngumsebenzi wakhe ukwembulela abanye ivangeli bensindiso yabo. Wonke umsebenzi esingena kuwo kufanele ube nesiphelo esinjena. 1

NGIQALA KANJANI

Asikho isidingo sokulinda ukubizelwa kwinsimu ekude ngaphambi kokuba usize abanye. Noma kukuphi lapho ukhona, ungaqala ngaleso sikhathi. Amathuba aseduze kwethu kumuntu wonke. Thatha umsebenzi onikezwe ukuba uziphendulele-umsebenzi okumele wenziwe ekhaya lakho nakumakhelwane wakho. Ungalindeli abanye bacele usizo lwakho. Ngokumesaba uNkulunkulu, qhubekela phambili ngaphandle kokulibala, ngokugcina engqondweni ukuziphendulela komuntu ngamunye Kuye lowo anikela ukuphila Kwakhe ngenxa yakho. Yenza sengathi uzwa uKristu ekubiza ukwenza ngokuphelele umsebenzi Wakhe. Ungabheki ukuthi ngubani omunye okulungele. Uma uzingcwelise ngokweqiniso,

uNkulunkulu uzothanda, ngosizo lwakho, ukuletha iqiniso kwabanye angabasebenzisa njengemizila yokuqondisa ukukhanya kwabaningi abadukuza ebumnyaneni.

Bonke bangenza okuthize. Ngomzamo wokuzithethelela ngokwabo, abanye bathi, “Imisebenzi yami yasekhaya, abantwana bami, ababiza isikhathi-sami nemali yami.” Bazali, abantwana benu kufanele babe isandla sosizo lwabo, ukukhisa amandla nekhono lokusebenzela iNkosi. Abantwana bangamalunga amancane omndeni kaNkulunkulu. Bazoholelwa ukuba bazingcwelise ngokuhlengwa. Kufanele bafundiswe ukuthi wonke amandla abo omzimba, ingqondo, nomphefumulo kungokwakhe. Kumele bafundiswe ukusiza ngezindlela ezahlukene kumsebenzi wokuzidela. Ungavumeli abantwana bakho babe yizivimbelo. Abantwana benu nani kufanele babelane ngokwesimoya Kanye nemisebenzi yomzimba. Ngokusiza abanye bakhulisa injabulo yabonokuzidela kwabo. 2

Kuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi abantu Bakhe bazoba ngabangcweliswa, ukuhlanzwa, abantu abangcwele, abaxhumanisa ukukhanya kubo bonke abasizungezile. Kuyinhloso Yakhe ukuthi, ngokuba yisibonelo seqiniso ekuphileni kwabo, bazoba yindumiso emhlabeni. Umusa kaKristu wanele ukwenza lokhu. Kuphela uma besebenzisa amakhono uNkulunkulu abanike wona emsebenzini Wakhe bazothokozela ukuphelela kwamandla esithembiso lapho ibandla abizwe ukuma. Uma labo abavuma ukuthi bakholwa kuKristu njengoMsindisi bafinyelela kwizinga eliphansi lokulinganisa kwebandla, ibandla liyehluleka ukuthwala isivuno esikhulu uNkulunkulu asilindele. “Batholakala belula” kubhaliwe kumbiko wabo….

Abafundi kwakungafanele balinde abantu ukuba beze kubo. Kwakufanele baye ebantwini, befune izoni njengabelusi abafuna imvu edukile. UKristu wembula umhlaba phambi kwabo njengensimu yokusebenza kwabo. Kwakufanele bahambe “baye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.” Maraku 16:15. Kwakufanele bashumayele uMsindisi, ukuphila Kwakhe bomsebenzi wokuzidela, ukufa Kwakhe okulihlazo, uthando olungelinganiswe, olungaguquki. Igama Lakhe kwakufanele kube isaga sabo, isibopho somunye babo. Ngegama lakhe babethobisa inqaba yesono. Ukukholwa egameni Lakhe kwakufanele kubaphawule njengamaKristu.

Enikeza abafundi izindlela ukuya phambili, uKristu esho: “Kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya Ongcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi bami eJerusalema naseJudiya lonke, nasesamariya kuze kube sekupheleni komhlaba.” “Kepha hlalani emzini eJerusalema, nize nembathiswe amandla avela phezulu.” Izenzo 1:8; Luka 24:49.

Ngokulalela izwi leNkosi yabo abafundi bahlala eJerusalema belindele ukugcwaliseka kwesithembiso sikaNkulunkulu. Kulendawo bachitha izinsuku ezilishumi, izinsuku zokuhlolisisa ngokujulile izinhliziyo zabo. Babekela eceleni ukungezwani kwabo basondelana ndawonye njengokukhonza kwamaKrestu.

Ekupheleni kwezinsuku ezilishumi isithembiso Sakhe sagcwaliseka ngokuthululwa okumangalisayo koMoya Wakhe. “Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla; yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi esomlilo; zahlala phesu kwalowo nalowo kubo. Base begcwala bonke uMoya Ongcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi,

njengalokhu uMoya wabapha ukuphimisela." "Kwenezelwa ngalowomuhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu." Izenzo 2:2-4, 41.

"Kepha bona bephuma bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo." Marako 16:20. Nokho ukumelana okunolaka abafundi abahlangana nakho, ngesikhathi esifushane ivangeli lombuso lezwakala kuzo zonke izinxenye zomhlaba lapho kukhona abantu.

Uthumo olwanikezwa abafundi lunikezwa thina namuhla. Namuhla, njengasendulo, uMsindisi owabethelwa wabuye wavuka kumele aphakanyiswe phambi kwalabo abangenaye uNkulunkulu futhi bengenathemba emhlabeni. INkosi imema abafundisi, abothishela, nabavangeli. Indlu nendlu izinceku Zakhe kufanele zimemezele isigijimi sensundiso. Kuzo zonke izizwe, imindeni, izilimi, nabantu izindaba zentethelelo ngoKristu kumele zihanjiswe.

Kungesikho ngokuthamba, ukunikeza isigijimi ngenkulumo engezwakali, kodwa ngokukhanyayo, okunqumayo, inkulumo ephaphamisayo. Izinkulungwane zilindele isixwayiso ukuze ziphephise ukuphila kwazo. Umhlaba udinga amaKrestu njengobufakazi bamandla obuKrestu. Kungesikho ezindaweni ezimbalwa, kodwa emhlabeni wonke, izithunywa zomusa ziyadingeka. Kwilizwe ngalinye kuzwakala isikhalo: "Wozani ngaphesheya, nisisize." Abacebile nabampofu, abaphakeme nabaphansi, bafuna ukukhanya. Abesilisa nabesifazane balambele iqiniso njengoba linjalo kuKristu. Uma bezwa ivangeli lishunyayelwa ngamandla avela phezulu, bazokwazi ukuthi idili lilungiselwe bon, futhi bazosabela kulolubizo: "Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke." Luka 14:17.

Amazwi athi "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo" (Marako 16:15) akhulunywa kumuntu ngamunye ongumandeli kaKristu. Bonke abagcotshelwe ekuphileni kukaKristu bagcotshelwe ukusebenzela insindiso yabangane babo. Ukulangazela okufanayo komphefumulo aKuzwa ngokusindisa okulahlekile kufanele kubonakale kubo. Asibobonke abangagcwalisa lendawo, kodwa kubo bonke kukhona indawo nomsebenzi. Bonke labo izibusiso zikaNkulunkulu zithe zabekwa kufanele basabele ngokwenza umsebenzi; sonke isipho sisetshenziselwe ukuthuthukisa umbuso Wakhe.

Isithembiso esingaguquki

UKristu wenza amalungiselelo aphelele okuqhuba umsebenzi onikezwe abafundi, wabeka Kuye ukuziphendulela ngempumelelo yawo. Uma nje beqhubeka ukulalela izwi Lakhe, besebenza ngokuhlanganyela Naye, uyabanxusa. Hambani niye ezweni lonke lapho kukhona abantu, kodwa yazini ukuthi ubukhona Bami buzobakhona. Sebenzani ngokukholwa nangethemba, ngoba isikhathi angeke sabakhona lapho ngizonidela khona.

Kithina isithembiso sokuhlala kobukhona bukaKristu sinikiwe. Ukuphela kwesikhathi akusebenzi inguquko kwisithembiso sokuvalelisa Kwakhe. Unathi namuhla njengoba wayenabafundi ngempela, futhi uzakuba nathi "kuze kube sekupheleni kwezwe."

"Hambani nishumayele ivangeli ezizweni zonke," UMsindisi ukhulumma nathi," ukuze babe ngabantwana bakaNkulunkulu. Nginani kulomsebenzi, ngizonifundisa, nginihole, nginiduduze, nginiqinise, nginiphe impumelelo emsebenzini wokuzidela nokuzinikela. Ngizohamba ezinhliziyweni, ngibabonise isono, ngibasuse ebumnyameni beze ekukhanye,

basuke ekungalalelini beze ekulungeni. Ekukhanyeni Kwami bazobona ukukhanya. Nizohlangana nabamelana nani izithunywa zikaSathane, kodwa bekani ithemba lenu Kimi. Angisoze ngihluleke."

Anicabangi yini ukuthi uKristu usiza labo abaphila ngokuphelele Kuye? Anicabangi yini ukuthi uhambela labo, njengoJohane othandwayo, ngenxa Yakhe baezindaweni ezinzima nezivivinyayo? Uthola abathembekile Bakhe, abambe inxixiswano nabo, abakhuthaze futhi abaqinisise. Izingelosi zikaNkulunkulu, ezinamandla amakhulu, zithunyelwa nguNkulunkulu ukufundisa izisebenzi ezingabantu ezikhuluma iqiniso kulabo abangalazi.

Kulabo abashumayela ivangeli likaNkulunkulu banikwe umsebenzi wokuholela kuKristu labo abasukile endleleni engumngcingo. Kufanele ahlakaniphe futhi akhuthale emizameni yakhe. Ekupheleni konyaka ngamunye angakwazi ukubheka emuva abone imiphefumulo esindisiwe ngomphumela wokusebenza kwakhe. Abanye kufanele abasindise ngokwesaba, "nibasindise ngokubahlwitha emlilweni; nizonde nengubo enindwe yinyama," "obambelela ezwini elithembekileyo ngokwesifundiso." Juda 23; Thithu 1:9. Ukulaya kukaPawule uThimothi kuza kubafundisi namuhla: "Ngiyaqinisa phambi kukaNkulunkulu, noKristu Jesu; Shumayela izwi, uqinise, noma kuyisikhathi noma kungesiso; sola, ukhuze, uyale ngakho konke ukubekezela nokufundisa." 2 Thimothi 4:1, 2.

Kodwa akukho phezu kwalabo kuphela abashumayela izwi uNkulunkulu abeke ukuziphendulela bokufuna nokusindisa izoni. Unikile lomsebenzi kubo bonke. Izinhliziyo zethu kufanele zigcwaliswe ngothando lukaKristu ukuze amazwi ethu okubonga angafudumeza izinhliziyo zabanye. Lona ngumsebenzi ongenziwa yibo bonke, nonkulunkulu uyawamukela njengoba unikelwa Kuye. Uwenza ube namandla, wabela isisebenzi esikhuthele umusa wokubuyisela umuntu kuNkulunkulu.

Kwangathi iNkosi ingabasiza bakhumbule ukuthi ekhaya, ebandleni, nasemhlabeni kufanele benze umsebenzi kaKristu. Abashiywanga ukuba basebenze bodwa. Izingelosi zisizana nabo. NoKristu ungumsizi wabo. Ngakho-ke mabasebenze ngokwethembeka bangakhathali. Ngesikhathi esifanelebazovuza uma bengadangali. 3

Izithunywa zevangeli ezizisekeleyo

Ezindaweni eziningi izithunywa ezizisekelayo zingasebenza ngempumelelo. Bekungumsebenzi wokuzisekela obewenziwa ngumpostoli uPawule lapho esebenza ukuhambisa ulwazi ngoKristu emhlabeni wonke. Lapho nsuku zonke sishumayela ivangeli emadolobheni amakhulu aseAsia naseEurope, wayesebenza umsebenzi wezandla ukuzondla yena nabangane bakhe. Amazwi akhe okuvalelisa kumalunga aseEfesu, ebonisa indlela yokusebenzela, anezifundo eziyigugu kuzisebenzi zevangeli:

"Niyazi ukuthi," esho, "kusukela osukwini lokuqala…nokuthi angigwemanga ukunitshela okusizayo nokunifundisa phambi kwabantu bonke nakuzo izindlu ngezindlu…Angifisanga-siliva lamuntu, nagolide, nangubo; Nina niyazi ukuthi lezozandla zasebenzela izinswelo zami nezababenami. Kukho konke ngangikhombisa ukuthi kumelwe ukuba nisize ababuthakathaka ngokusebenza okunje, nikhumbule futhi amazwi eNkosi uJesu ukuba yena wathi: Kubusisekile ukupha kunokwamukela." Izenzo 20:18-35.

Abaningi namuhla, uma befundisa ngomoya ofanayo wokuzidela, bangenza umsebenzi ofanayo ngendlela efanayo. Vumela ababili noma abadlula lokho ukuqala umsebenzi wokuvangela. Mabahambele abantu, bakhuleke nabo, bahlabelele, bafundise bechaza iMibhalo, futhi besiza abagulayo. Abanye bangakwazi ukuzisekela njengbakhankasi; abanye njengompostoli uPawule, bangasebenza umsebenzi wezandla noma eminye imizamo. Njengoba beqhubekela phambili emsebenzini wabo, lapho bebona ukungabi nasizo, kodwa ngokuzithoba beyame kuNkulunkulu, bazuze amava abusisekile. INkosi uJesu uhamba phambi kwabo, futhi phakathi kwabacebile nabampofu bathole umusa nosizo.

Lapho abathe bafundiswa ngomsebenzi wokuvangela kokwelapha emazweni akude kumele bakhuthazwe ukuba bahambe bangalibali lapho kufanele basebenze khona, baqale ukusebenza phakathi kwabantu, bafunde izili njengoba besebenza. Masinyane bazokwazi ukufundisa amaqiniso alula ezwi likaNkulunkulu.

Emhlabeni wonke jikelele, izithunywa zomusa ziyadingeka. Kukhona ubizo lwemikhaya yamaKrestu ukuba baye emiphakathini esebumntyameni nephambukile, ukuba baye emazweni akude, bajwayelane nezidingo zabangane babo, nokwenza umsebenzi weNkosi. Uma lemindeni izohlala ezindaweni ezimnyama zomhlaba, lapho abantu begubuzelwe ubumnyama besimoya, bese bavumela ukukhanya kwempilo kaKristu kukhanye ngabo, ngumsebenzi onesizotha esingakanani ongapheleliswa.

Lomsebenzi udinga ukuzinikela. Lapho abaningi belindele zonke izihibe ukuba zisuswe, umsebenzi engabe bayawenza ushiywa ungenziwanga, futhi abaningi bayabhubha ngaphandle kwethemba nangaphandle kukaNkulunkulu. Abanye ngenxa yenzuzo yokuthengiselana, noma ukuthola ulwazi lwezesayensi, bazongena ezindaweni ezingalawulwa ngenjabulo babekezelele ukuzinikela nobunzima; kodwa bambalwa kanjani ngenxa yabahlobo babo abalungele ukusuka nemindeni yabo baye kwizifundaezidinga ivangeli.

Ukufinyelela kubantu, lapho bekhona, noma bakwesiphi isikhundla noma isimo, ukubasiza ngazozonke izindlela ngokungenzeka-lena ubufundisi bangempela. Ngomzamo onjalo ungazuza izinhliziyo uvule umnyango wokungena kwimiphefumulo ebhubhayo.

Emsebenzini wakho wonke khumbula ukuthi uboshelwe noKristu, inxenye yecebo elikhululokuhlengwa. Uthando lukaKristu, ekwelapheni, umsinga onikeza ukuphila, kufanele ugeleze ekuphileni kwakho. Lapho uzama ukudonsa abanye abaseduze ngothando Lwakhe, vumela ukuhlanzeka kwamazwi akho, umsebenzi wakho ongazifuneli, injabulo yokuziphatha kwakho, ithwele ubufakazi bamandla omusa Wakhe. Nikela emhlabeni ukulunga okucwebuile obufanekisa Yena, ukuthi abantu bambone ebuhleni Bakhe.

Akusebenzi ukuzama ukulungisa abanye ngokuhlasela imikhuba yabo ephambukile. Imizamo enjalo ivamise imiphumela yakhona ilimaza kakhulu kunobuhle. Lapho ekhuluma nowesifazane waseSamariya, esikhundleni sokunciphisa umthombo kaJakobe, uKristu waveza okungcono. “Uma ubusazi isipho sikaNkulunkulu,” esho, “nokuthi ngubani othi kuwe, Ngiphuzise; nga ucele kuye, yena nga ekunikile amanzi aphilayo.” Johane 4:10. Waguqula

inkulumo kwingcebo azoyethul, enikeza owesifazane okungcono kunalokhu anakho, ngisho amanzi aphilayo, injabulo nethemba levangeli.

Lona umzekelo wendlela okufanele sisebenze ngawo. Kufanele sinike abantu okungcono kunalokhu abanakho, ngisho nokuthula kukaKristu, okudlula ukuqonda konke. Kufanele sibatshele ngomthetho kaNkulunkulu ongcwele, isembulo sesimilo Sakhe, nokugcizelela afisa ukuba babeyikho. Babonise injabulo engapahakeme nezinto ezithokozisayo zomhlaba ekhasini elingonakali lasezulwini. Batshele ngenkululeko nokuphumula okutholalaka kuMsindisi. “Kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kayikoma naphakade,’ esho. Johane 4:14.

Phakamisa uJesu, ememeza, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe!” Johane 1:29, A.R.V. Nguye kuphela onganelisa intshiseko yenhliziyo anikeze ukuthula emphefumulweni.

Ebantwini bonke abasemhlabeni abavuseleli kufanele babe ngabantu abazidelayo kakhulu, abanomusa omkhulu, abazothile kakhulu. Ekuphileni kwabo kufanele kubonakale ubuhle beqiniso nezenzo zokuzidela. Isisebenzi esingenaso isizotha, esibonisa ukungabekezeli ngabantu abangenalwazi nabaseziphambekweni, abakhuluma ngamawala noma benze ngokungacabangi, bangavala umnyango kwizinhliziyo ukuze ingaphinde ifinyelele kuzo.

Lapho amazolo nezihlambi ezithulile ziwela kwizintshalo ezibunile, kanjalo vumela amazwi awe ngobumnene lapho uzama ukuzuza abantu abasephutheni. Icebo likaNkulunkulu kufanele liqale lifinyelele inhliziyo. Kufanele sikhulume iqiniso ngothando, sithembela Kuye ukunika amandla ukuguqula ukuphila. UMoya Ongcwele uzosebenza emphefumulweniizwi elikhulunywa ngothando.

Ngokwemvelo siyazicabangela futhi sinemibono. Kodwa uma sifuna izifundo uKristu afisa ukusifundisa sona, siba ngabahlanganyeli bemvelo Yakhe; emva kwalokho siphila ukuphila Kwakhe. Isibonelo esimangalisayo sikaKristu, ubumnene obungelinganiswe lobo angena ngabo kwimizwa yabanye, bekhala nalabo abakhalayo, bajabule nabajabulayo, kufanele babenomfutho ojulile phezu kwezimilo zabo bonke abamlandelayo ngobuqotho. Ngamazwi anomusa nezenzo bazokwenza indlela ibelula ezinyaweni ezikhathele. 4

Okuphathelene

1. *Prophets and Kings,* pp. 221, 222.
2. *The Review and Herald,* July 29, 1902.
3. *Testimonies for the Church,* vol. 8, pp. 14-18.
4. *The Ministry of Healing,* pp. 154-157.

NGESABATHA, ZIBANDLELA 6, 2025

EDUZE KOMLILO

NGU-MIGUEL MENDOZA-AUSTRALIA

Isingeniso

Amakhaya ethu kufanele enziwe iBetheli, izinhliziyo zethu indawo engcwele. Lapho uthando lukaNkulunkulu luthokozelwa emphefumulweni, kuzoba khona ukuthula, kuzobakhona ukukhanya nenjabulo. UJesu uthanda ukubona imishado ethokozile, **injabulo eduze komlilo.**

Ngeminyaka yo-1800, ngenkulumo yase America, eduze komlilo bekungumkhuba wempilo yasekhaya, kakhulu esikhathini leso kwakungekho ukufudumala kwanamuhla noma ugesi. Yilapho imindeni ihlangana khona ukuba ifudumale, ukukhanya, kanye nokuxhumana. UDade White esebenzisa igama “eduze komlilo” ukugcizelela umuntu, ubuhlobo, nokuxhumana kwesimoya sabalaleli ngokuvamile nokusemxoka. Ngakho-ke, ngaye singathi, eduze komlilo” akuyona indawo ebonakalayo kuphela; uphawu lokusondelana, ithemba, nethuba lomfutho wokweluleka labo abasekhaya ukuba baphile ekukhanyeni kukaNkulunkulu akunike abantu Bakhe wabela bonke abasemhlabeni. Manje, njengalokhu sinakho engqondweni, masibheke isihloko sanamuhla futhi sifunde izifundo ezahlukene esingazithola ezwini likaNkulunkulu kanye nosiba Oluphfumulelwe.

Ebuntwaneni

Ebuntwaneni bami, noma ikhaya lami belisendaweni ebandayo cishe unyaka wonke, besingenayo indayo yeziko lomlilo eyaziwayo. Kodwa ngiyakhumbula ekhaya bekuyindawo lapho sihlangana khona kungathi sihleli “eduze komlilo” ngesikhathi senkonzo nezinye izinkathi sichithe isikhathi sidumisa iNkosi sifunda nezwi Lakhe. UMama ubebalana nathi izifundo ezibalulekile zempilo engisazikhumbula ngothando. Wayelandela iseluleko esitholakala kwizaga 22:6, “Khulisa umntwana ngendlela eyakuba ngeyakhe: kuyakuthi lapho esekhulile, angasuki kuyo.” Ngibona ngokusobala ngamava ami ukuthi lezifundo bezibalulekile ukungisiza ukwenza izinqumo eziqinisa ukuthi ngingalandela iNkosi noma qha. Ngibonga iNkosi ngeZwi Layo nezithembiso ezitholakala kulo.

“Ebuntwaneni nasezingeni lobusha isimilo siyacindezelwa. Amanadla okuzibamba kufanele atholwe. Eduze komlilo nakwibandla lasekhaya, imifutho iyacindezelwa nemiphumela yawo ihlala ingunaphakade. Ukudlula isipho semvelo, imikhuba esekwe

kwiminyaka yokuqala kunquma ukuthi umuntu uzonqoba noma anqotshwe yimpi yokuphila.” 2

UAbrahama noSara

Sizwa ngoAbrahama, ukholo lwakhe, iziphambeko zakhe nomsebenzi wakhe awenzayo nabanye bomkhaya wakhe-futhi lokho kufaka nabantu ababemsebenzelayo, izinceku zakhe. Wathola isithembiso esivela kuNkulunkulu: “Ngiyakubusisa abakubusisayo, nokuqalekisayo ngiyakumqaalekisa: futhi ngawe **yonke imindeni yomhlaba iyakubusiswa”** (Genesis 12:3). Kungani yonke imindeni yomhlaba izakubusiswa ngaye-na? Kungenxa yokuxhumana kwakhe noKristu, umisile isibonelo sokulalela izwi likaNkulunkulu, njengoba sifunda kuGenesis 26:5, **“Ngokuba uAbrahama walalela izwi Lami, wagcina ukusho Kwami, nemiyalo Yami, nezimiso Zami, nemithetho Yami.”** Akusikho lokho kuphela, wayezofundisa futhi aluleke umndeni wakhe izindlela zeNkosi efakaza ngaye uthi, ngokuba ngiyamazi, **ngimkhethele ukuba ayale abantwana bakhe nendlu yakhe emva kwakhe ukugcina indlela kaJehova nokusebenza ukulunga nokwahlulela,** ukuze uJehova amenzele uAbrahama lokho amthembise kona” (Genesis 18:19). Noma kunjalo ubengeyedwa kulomsebenzi. USara, unkosikazi wakhe, wayenaye bobabili benza umsebenzi omuhle “eduze komlilo” njengoba bebesenza ngokuhlanganyela ukululeka wonke umuntu osekhaya njengoba besohambeni oluya ezweni lesithembiso: Phakathi kwalabo abaningi babeholwa ngozwelo oluphakeme kunalabo abasemsebenzini nabanobugovu. Ngesikhathi behlezi eHarana, **bobabili uAbrahama noSara baholela abanye ukuba bakhonze basebenzele uNkulunkulu weqiniso.** Laba bazihlanganisa nekhaya likakhokho, bahambisana nayekwilizwe lesithembiso.” 3 Kusukela kumava kaAbrahama noSara ngokusebenza ndawonye besebenzela umbuso kaNkulunkulu, kukhanya ngokusobala ukuthi bobabili ubaba nomama badlala indima enkulu ekufundiseni umkhaya wabo izindlela zeNkosi.

Abazali nemindeni

Ekufundiseni kwami, kumathuba ehlukene, lapho ngihambela imikhaya, ngithe ngahlanganyela nayo ngezikhathi zomkhuleko wasekhaya nabo “eduze komlilo” kuhle kakhulu ukubona ukuhlakanipha nomzamo abazali abawenzayo ukwenza uhlelo lokuba nalezikhathi ezibalulekile njengomndeni. Kuyisibusiso ukukhuleka, ukudumisa, nokufunda ngokuhlanganyela, ukubekela eceleni isikhathi esithize sihlangane ndawonye ukukhonza iNkosi yethu sijule ekukhulumisaneni ngezinto zesimoya. Kanjalo baphelelisa umsebenzi wabo wokuphakamisa ibhanela likaEmanuweli elinindwe ngagazi limelene nomcibisholo wesitha. Kubalulekil ukukhumbula ukuthi umkhaya insimu ebalulekile yensimu yokusebenza.

“Abazali kufanele bakhulume nabantwana abasebancane ngoJesu, nangecebo lensindiso. Kufanele bazisonge ngezifundo eziyiguguzokuphila nangesimilo sikaKristu ezingqondweni zabantwana ukuze babe ngabalandeli bakaKristu nezindlalifa zokuphila okuphakade. Kuningi esingakukhuluma ngomsebenzi wokuvangela emazweni akude, kodwa umsebenzi wakhaya unganakwa. Insumu enkulu yokuvangela iseduze komlilo wakho, nesidingo esikhulu yileso sabobaba nomama bakwaIsrayeli. Lapho abazali beqala ukubona

ukuziphendulela kwabo okukhulu okuhlezi phezu kwabo, bazothatha lomsebenzi wokuhambisa ivangeli, baqeqeshele abantwana babo izulu. Bazonikeza izingane zabo umugqa phezu komugqa, isimiso phezu kwesimiso." 4 Umsebenzi wethu maqondana noKristu kufanele uqale nomndeni ekhaya. Ukufundisa abasha kufanele obekuhlelo oluhlukile kunalelo anikwa lona ekuqaleni. Inhlalakahle yabo manje idinga umsebenzi mkhulu kakhulu kunalowo abanikezwe wona. Awukho umsebenzi obaluleke kakhulu odlula lona. Ngezimiso nangezibonelo abazali kumele bafundise abantwana babo ukusebenzela abangaguqukanga. Abantwana kumele bafundiswe ukuzwelana nabantu abakhulile nabahluphekile bafune ukunciphisa ukuhlupheka kwabampofu nabasosizini. Kufanele bafundiswe ukuqaphela umsebenzi wokuhambisa ivangeli; emiyakeni yobuncane babo ukuzidela nokuzinikela ngobuhle kwabanye nokuthuthukisa umsebenzi kaKristu akufanele ulinganiswe, ukuze babe ngabahlanganyeli ndawonye noNkulunkulu.

"Kodwa uma befunda ukwenza ngempela umsebenzi wokuhambisa ivangeli kwabanye, kufanele bafunde kuqala ukusebenzela labo abasekhaya, labo abanelungelo lemvelo yesikhundla sothando. Wonke umntwana makafundiswe ukuthwala inxenye yomsebenzi wakhe ekhaya. Akufanele abe namahloni ukusebenzisa izandla zakhe ukuphakamisa umsebenzi wasekhaya nezinyawo zakhe ukwenza umsebenzi. Njengoba sihlanganyela, angeke afinyelela endlelani yokunganaki nesono. Mangakhi aamahora achithwa abantwana nabasha angabe asetshenziswa ukuphakamisa izingalo zabo emahlombe, nokusiza ukuphakamisa, ukuziphendulela kwasekhaya okumele omunye akuthwale, kanjalo babonisa intakazelelo yothando kubaba nomama. Futhi bagxiliswa kwizimiso zemvuselelo yempilo nokunakekela imizimba yabo." 5

Nokho, "abaningi lensimu yasekhaya abayinaki ngenxa yamahloni, futhi manje yisikhathi sokuthi amacebo angcwele namakhambi alethwe, ukuze lesimo sobubi singalungiswa. Yiziphi izaba abalandeli bakaKristu abazishoyo abangaziletha ngokunganaki ukuqeqesha abantwana babo ukuba baMsebenzele?" 6

Bazali abathandekayo, ekhaya, abasha bethu badinga olukhethekile njengoba sibona ububi obusemhlabeni bukhulu kancane kancane."Ububi obukhulu obokuhluleka ukuzithiba kwenza umsebenzi wawo omuhle ezweni lethu. USathane unezithunywa zakhe yonke indawo, abangamathulusi ezandleni zakhe, ukuheha nokonakalisa abasha bethu. Ingabe izwi lesixwayiso lizwakale eduze komlilo wethu-na? **Angeke yini ngezimiso nezibonelo, siholele abasha bafise ukufinyelela kwizinga eliphakeme, ukuba nezinhloso ezinesithunzi nezingcwele-na?** Lomsebenzi awukholula, noma umsebenzi omncane; kodwa ngumsebenzo oletha umvuzo. Lowo omusha othe wafundiswa ngoqeqesho olufanele ekhaya, uzoletha izinkuluni eziqinile ekwakheni isimilo sakhe, futhi ngesibonelo sakhe nokuphila, uma amandla akhe asetshenziswa kahle, uzoba namandla emhlabeni wethu nokuholela abanye phezulu naphambili endleleni yokulunga. **Ukusindiswa komphefumulo owodwa insindiso yemiphefumulo eminingi.**" 7

Abasebenzi bevangeli

Encwadini ebizwa nge *Evangelism*, isibonelo, sesithunywa seNkosi senza isicelo: "Kubobonke abasebenza noKristu ngithi kubo, noma kukuphi lapho uthola ithuba eduze komlilo, khulisa amathuba akho. Thatha iBhayibheli lakho, ulivule phambi kwabo amaqiniso

amahulu.” 8 **Lapha, uma sisebenzela iNkosi, sinxuswa ukuba sihlangane nabantu lapho benethezeke khona, emakhayeni abo, usebenzise leyondawo ukwabelana ngokholo. Eduze komlilo ichaza ukukhululeka, ukuxhumana ubuqu, ngokwahlukile kunentshumayelo esemthethweni noma impikiswano yabantu bonke**. Ukukhuluma inhliziyo nenhliziyo ukusondela kuyakhuthazwa ekusakazweni kwesigijimi sikaNkulunkulu, ehlela ukuqondisa ukugcizelela okubanzi nobuKrestu obusebenzayo nokuhambisa ivangeli uqobo.

Esinye isicelo esibalulekile kulabo abasebenza ngevangeli leBhayibheli, “Bazalawane bami emsebenzini wevangeli, vula iminyango kubasha abesilisa abavuleleke ezilingweni. Sondela eduze kwabo ngemizamo yakho. Ububi buyabamema zinhlangothi zonke. Zama ukubanika intakazelo ezobasiza ukuba baphile ukuphila kwaphezulu. **Ungazihlukanisi nabo. Basondeze eduzo komlilo; bameme ukuba bahlanganyele kwialtare lomndeni.** Masikhumbule izimfuno zikaNkulunkulu kithi ukwenza indlela eya ezulwini ikhanye futhi ithathekise.” 9

“Ngabona abafundisi abasebenza ngezwi nemfundiso ukuthi banomsebenzi omkhulu ophambi kwabo, nokuziphendulela okukhulu okuhlezi phezu kwabo. Ngabona ukuthi uma besebenza abasondeli kakhulu enhliziyweni. Umsebenzi wabo uvamile kakhulu, futhi uhlakazeke kakhulu. Umsebenzi wabo kufanele wahlukaniselwe kulabo ababasebenzelayo. Uma beshumayela etafuleni, umsebenzi wabo khane uqaliswa. Kufanele bayeke ukushumayela, bazilinde njalo, ukuze bangalethi ukusolwa ebandleni. Kufanele babe yimifanekiso nezibonelo ukuphila kukaKristu. 1 Korinte 3:9. ‘Ngokuba thina siyizisebenzi kanye noNkulunkulu.’ 2 Korinte 6:1. ‘Kepha thina esisebenza Kanye naye siyanincenga ukuba ningawamukeli ize umusa kaNkulunkulu.’ Umsebenzi womfundisi awukapheli uma eshiya itafula. Akufanele alahle umthwalo agcwalise ingqondo yakhe ngokufunda noma ukubhala, ngaphandle kokuthi kubalulekile; kodwa kumele alandele umsebenzi wakhe kubantu ngemizamo yangasese-esebenzela imiphefumulo lapho kuvela ithuba angaletha-ehlezi eduze komlilo, encenga imiphefumulo eyinxusa ngenxa kaKristuukuba babuyisane noNkulunkulu. Umsebenzi wethu lapha uzovalwa masinyane, ‘umuntu ngamunye uzothola umvuzo wakhe ngokuya ngemisebenzi yakhe.’ 10

“Yilona umzamo wokuba seduze komlilo, lomsebenzi wasekhaya, uma wenziwa uzoba yimpumelelo. Uzame, bazalwane abahambisa ivangeli. Abanye abafundisi bethu abaluthandi lohlobo lokusebenza. Bayawugwema. Kukhona isiphambano esinamathelayo kwimizamo enjalo yomuntu, kodwa lona ngumsebenzi abantu okumele bawusingathe weqiniso elingavamile. Lokusondelana okuseduze nemiphefumulo esebumnyameni, ukukhanya kwethu kuzokhanya kakhulu, ngokuqondile ebumnyameni, futhi bazobona indlela esiziphatha ngayo, ukukhuluma kwethu, ukuzithoba nokho okunenjabulo, isimo esinenhlonipho, leso umusa kaNkulunkulu unathi, nokuthi ukuthula kwezulu kulethwa emakhayeni ethu. Bazothathekiswa yiqiniso elihambisana nemiphumela ebusiseke kakhulu.” 11

Isicaphuno esilandelayo siyinxenye yelizwi eliqondiswe kubafundisi ababehlangene kuGeneral Conference kububanzi beBattle Greek, eMichigan, kumhlangano wabo ekuseni owabanjwa ngonyaka 1883 ngomhlaka 9 kuLwezi: yithemba elingcwele kangakanani uNkulunkulu asinike wona ngokusenza izinceku Zakhe ukusiza emsebenzini wokusindisa imiphefumulo. Usinikezile amaqiniso amakhulu, azothile kakhulu, isigijimi esivivinyayo emhlabeni. Umsebenzi wethu akuwona ukushumayela kuphela, kodwa ukufundisa,

ukusondela eduze kwezinhliziyo, ukubeka phambili imizamo yakho eduze komlilo. Kufanele sisebenzise amathalenta esiphiwe wona ngekhono nokuhlakanipha, ukuze silethe ukukhanya okuyigugu kweqiniso ngendlela ejabulisayo, indlela enhle nangethemba lokuzuza imiphefumulo.” 12

AmaKrestu Athembekile

INkosi uJesu wanikeza abantu Bakhe uthumo okufanele lilalelwe ngokushesha. Siyafunda kuMathewu 28:19, 20 “Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya Ongcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe. Ameni.” Kuyilu ngelo lethu ukuba sizwe futhi senze njnengokusho kwalamazwi. “Akuyona inhloso kaNkulunkulu ukuba abafundisi bayekwe ukwenza inxenye enkulu yalomsebenzi wokutshala imbewu yeqiniso. Abantu abangabizelwe ekuhambiseni ivangeli kufanele bakhuthazwe ukusebenzela iNkosi ngokuya ngamakhono ahlukene. Izinkulungwane zabesilisa nabesifazane manje abangenzi lutho bangenza umsebenzi owamkelekayo. Ngokuthwala iqiniso liye kumakhaya omakhelwane babo nabangane, bangenza umsebenzi omkhulu benzela iNkosi. UNkulunkulu akabheki ubuso bomuntu. **Uzosebenzisa maKrestu athobekile, athembekile, anothando lweqiniso ezinhliziyweni zabo.** Abanjalo mabenze umsebenzi wakhe ngokungena indlu nendlu. Behlezi eduze komlilo, abanjalo-uma bezothile, beqaphile, futhi bemesaba uNkulunkulu-bangenza okukhulu ukulangabezana nezidingo ngempela zemindeni kunomfundisi.” 13 Wonke ohlanganyela kulomsebenzi obalulekile, eduze komlilo kuba yindawo yemvelo yokwabelana nevangeli kanye nezifundo zomndeni, ukholo, olufinyelelayo. “Ukulethwa kweqiniso, ngothando nobulula, ukungena indlu nendlu, ngokuvumelana neseluleko leso uKristu asinika abafundi Bakhe lapho ebathuma okokuqala kuhambo lokuvangela. Ngezingoma zokudumisa, ngokuzithoba, imikhuleko esuka enhliziyweni, izofinyelelwa ebantwini abaningi. Isisebenzi esingcwele sizothulwa sizobakhona ukuletha ukuvuma ezinhliziyweni. ‘Ngizokuba nani izikhathi zonke,’ isithembiso Sakhe. Ngesithembiso sokuhlala kobukhona bomsizi onjalo, singasebenza ngokukholwa nethemba nangesibindi.” 14 Ngakho-ke, uyathanda ukuba uNkulunkulu akusebenzise njengethulusi elizithobile lokuholela abanye ezinyaweni zesiphambano-na?

“Ezinye izindlela eziphumelelayo lokhu ukukhanya okungaxhunyanwa ngakho yimizamo yomuntu ngamunye. Kwisiyingi sasekhaya, eduze komlilo womakhelwane, eduze kombhede wogulayo, ngendlela ethulile ungafunda iMibhalo bese ukhulume izwi ngoJesu neqiniso. Kanjalo ungatshala imbewu eyigugu ezovela ithele isithelo.” 15

Ukuncenga kukaNkulunkulu

Njengoba sifunda namuhla, kukhona umsebenzi obalulekile okumele wenziwe “eduze komlilo,” ngenxa yethu noma ngenxa yomunye. Njengebandla, kufanele sazi umsebenzi wesimoya awubekwanga ebandleni-iphumelela kakhulu nsuku zonke, izikhathi ezingasese. Eduze komlilo, ngalolwazi, indawo yokuqala yokwakha ubudlelwano nokutshala imbewu yokukholwa neqinisoukusuka ekuneni kokuseka okuvamile. Mindeni yamaReform Movement, masicele iNkosi ukuvula izingqondo zethu nezinhliziyo ukwamukela lesigijimi sibuyisele ekhaya isicelo esilandelayo anaso kuwe nakimi uma sivala lesihloko:

“INkosi izohlolisisa ukusetshenziswa kwamathalenta asinike wona. Ukhokhile inani ngegazi Lakhe nangokuzidela Kwakhe nokuhlupheka, ukulonda umsebenzi wokuzinikela komphefumulo ngamunye njengosebenza ndawonye noNkulunkulu. Uma bonke bangezwa ukuziphendulela kwabo kuNkulunkulu ngokuhlakanipha basebenzise amathalenta abo abanikwe wona, inzalo noma imbuyiselo engakanani ezolethwa kuNkulunkulu ngoJesu Kristu! Ithalenta ngalinye lizokhula uma lisetshenziswa. Isipho esibonakala sisincane kakhulu, umsebenzi othobekile, ingafinyelela ezingqondweni nomfutho ezinhliziyweni zalabo abanamathalenta amakhulu angeke awathinte.

“Manje, manje, manje isikhathi esihle sokusebenza. Ukuhambela komuntu ngamunye kubaluleke kakhulu. Uma sithanda uJesu Kristu sithanda imiphefumulo yabantu iqiniso kumele liyiswe kumakhaya wonke, kukhulunywe ngalo eduze komlilo okungenzeka uthole ilungelo lokungena…. Gcina engqondweni ukuthi uMoya Ongcwele uyisisebenzi. Isithunywa somuntu esisebenzela uNkulunkulu asisodwa….

“Sebenza ngokubekezela, ngobumnene, ngozwelo, ngomkhuleko, nothando luzokwenza lukhulu kunezintshumayelo. INkosi uJesu, ngokunikela ngokuphila Kwakhe ukusindisa umhlaba esiqalekisweni sesono, elindele izinto ezinkulu kunalezo amehlo ethu angakufakazela. Umoya Ongcwele ulindele imizila leyo ozosebenza ngayo….USathane angeke anqoba ngezikhathi zonke. UMoya kaNkulunkulu uzothululwa phezu kwebandla masinyane emva kokuba izitsha zilungele ukuwamukela.” 16

INkosi mayisibusise ngokunothile isisize ukuba senze lomsebenzi eduze komlilo, Amen!

Okuphathelene

1. *The Faith I Live By,* p. 255. [Ngokugcizelela.]
2. *Child Guidance,* p. 202.
3. *Patriachs and Prophets,* p. 127. [Ngokugcizelela.]
4. *The Review and Herald,* Mbasa 21, 1891.
5. *Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 429.
6. Ibid. p. 430.
7. *The Review and Herald,* Ntulikazi 10, 1888. [Ngokugcizelela.]
8. *Evangelism,* p. 436.
9. *Gospel Workers,* p. 212. [Ngokugcizelela.]
10. *Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 432.
11. *Manuscript Releases,* vol. 7, p. 37.
12. *The Review and Herald,* Mbasa 15, 1884.
13. *Welfare Ministry,* p. 109. [Ngokugcizelela.]
14. *Christian Service,* p. 114.
15. Ibid. p. 118.
16. *That I May Know Him,* p. 330.

NGESONTO, ZIBANDLELA 7, 2024

“BAPHENI NINA UKUDLA”

NGU-OZIEL FERNADEZ-BRAZIL

UBIZO LOKUSEBENZA NESIHAWU SAMAKRESTU

Amazwi akhulunywa nguJesu, “Bapheni-nina ukudla,’ ajulile kakhulu njengobizo lokunaka kokuziphendulela kwabanye. Atholakala kuMathewu 14:16, Kufakwe kwimbali eyaziwayo kakhulu yokwandiswa kwezinkwa kanye nezinhlanzi. Noma kunjalo, ngaphandle kokusho ezinye izimanagaliso ezahlukene eBhayibhelini, lamazwi aqukethe izifundo eziyisekelo maqondana nesihawu, ukuphana nokusebenza kobuKrestu, zonke ziletha inselelo ebandleni namuhla ukwenza umsebenzi emhlabeni obhekene nezinselelo zendlala.

Indlala njengamanje

Namuhla, indlala iyinkinga ekhona emhlabeni wonke. “Ngokuya ngombiko weUnited Nations, ngonyaka ka 2023 kuphela, ngokuya nge SOFI 2024, abantu abayizigidi ezingu 733 bazohlupheka ngenxa yendlala emhlabeni wonke.” 1 Kuba sengathi umuntu oyedwa phakathi kwabangu 11 emhlabeni ulambile futhi lenani liyakhula ngenxa yesimo sokungalingani komphakathi, ubunzima kwezomnotho, nokulwa ngezikhali. Lokhu kufanekiswa kakhulu ngenani lokudla okukhiqizwayo emhlabeni wonke okubonisa ukuthi inkinga akuyona yokuntuleka kwezinsiza zokusebenza kepha ukusatshalaliswa kabi kanye nokuntuleka kwezenzo.

Lapho uJesu ethi, “Bapheni-nina ukudla,” Wanikeza abafundi Bakhe inselelo yokubhekana nesimo esibonakala singeke senzeka-inselela yokupha abantu ukudla-izinkulungwane zabantu zilambile namuhla. Noma kunjalo, njengaleso sikhathi, isigijimi sikaKristu sikhomba ukuziphendulela kwabalandeli Bakhe ukuhlangana nesidingo somzimba nesesimoya kulabo abahluphekile.

Umongo weBhayibheli

Isimangaliso sokwanda kwezinkwa senzeka masinyane nje emva kombiko wokufa kukaJohane uMbhapathizi. Kwakungenxa yokuba abafundi babekhathele futhi bedangaliswe

ukufa kukaJohane yilokho uJesu wamuka nabafundi ukuya endaweni eyihlane njengesikhathi sokuqabuleka. “Kwathi uJesu esekuzwile lokho, wamuka lapho ngomkhumbi, waya endaweni eyihlane eyedwa” (Mathewu 14:13). Isimemo sikaKristu sokuphumula sigcizelela ukunaka komfundisi ngenxa yabafundi Bakhe. Kodwa ukuphumula okudingekayo kwaphazanyiswa masinyane, njengoba isixuku sathola lapho Aye khona samlandela sihamba ngezinyawo. “Abaningi sebebabona bemuka, baqonda, baze bagijimela khona ngezinyawo, bephuma kuyo yonke imizi, babandulela” (Marako 6:33).

IPhasika laliseduze, futhi, ukusuka kude naseduze, ibutho lezihambi lalisendleleni eya eJerusalema lahlangana ukubona uJesu. Inani labantu lengezeka ngesibalo, kwaze kwahlangana abantu abayizinkulungwane ezinhlanu zabelisa ngaphandle kwabesifazane nabantwana. Ngaphambi kokuba uKristu afike ogwini, isixuku sabantu sasimlindele.” 2

Isihawu ngenxa yesixuku

UMsindisi onothando akaze anqikaze ukuhlangabezana nezidingo zethu. Wasizwela isixuku, wabamukela futhi walapha abagulayo babo. “UJesu waphuma, wabona isixuku esikhulu, waba-nesihe ngaso, waphulukisa abagulayo babo” (Mathewu 14:14).

KwiTestamende Elisha, “ukuba nesihawu” kucindezela izinga eliphakeme lozwelo kulabo abahluphekile, kaningi kuqondiswa ngokuphathelene nezenzo zikaJesu Kristu. (Bheka ku-Mathewu 15:32; 20:34; Marako 1:41; Luka 7:13.)

UJesu akazange ahambise umuntu ngaphandle kokunaka zonke izidingo zabo. Noma ephazanyiswa ekuphumuleni Kwakhe, wayeshiya ukuphumula Kwakhe, wenza izinto ezintathu okufanele azinakekele.

1. Wafundisa isixuku ngombuso kaNkulunkulu, kanjalo ehlangabezana nezidingo zengqondo.

   _____

2. Waphulukisa abagulayo, kanjalo ehlangabezana nezidingo zomzimba

   _____

3. Wondla sonke isixuku ngesinkwa njengophawu lwesinkwa esivela ezulwini (Johane 6:22-40).

   _____

   Kanjalo, uJesu wahlangabezana nezidingo zengqondo, umzimba, nesimoya.

Abafundi bayakhathazeka

Kwakulusuku olumatasatasa nomsebenzi. UJesu uthe wafundisa futhi welapha abagulayo ababekhona esixukwini, kepha abafundi manje babekhathazekile ukuthi bazosiphani lesixuku. Ngokubheka lapho bekhona, basondela kuJesu, begcizelela ukukhathazeka kwabo becela ukuthi ahambise abantu ukuba bazifunele ukudla emaphandleni aseduze.

“Ekupheleni kosuku, abafundi basondela kuJesu bathi, lendawo iyihlane, futhi manje isikhathi sesihambile: Bamukise, baye emaphandleni nasemizaneni ezungezileyo, bazithengele ukudla: ngokuba akunalutho abangaludla” (Marako 6:35, 36). Abafundi babengaboni ukuthi bangondla kanjani lesixuku ngokudla; kwakungaphezu kwesabelo-mali sabo, kubo sasingekho isixazululo ngaphandle kokuthi bahambise isixuku. Konke kubo kwakungavumelani; indawo yayingaphandle, kwakusemva kwesikhathi, isixuku sisikhulu, futhi babengenayo imali eyanele. Ngombono wokuswela, abafundi bagcizelela ngalokhu abangenakho.

Izwi likaKristu

Elalela kahle imicabango yabafundi, “Kepha uJesu wathi kubo; akuswelekile ukuba bamuke; bapheni-nina ukudla” (Mathewu 14:16). Izwi likaKristu lalingalindelwe futhi liphazamisa, ngakho-ke abafundi babenezinselela ezintathu:

1. Isixuku sikhulu, abesilisa abayizinkulungwane ezinhlanu, singakabali abesifazane nabantwana.

   _____

2. Babesehlane bekude nedolobha lapho bangathenga khona ukudla.

   _____

3. Babengenayo imali eyanele.

   Abafundi ngokusobala babefinyelele ekugcineni-benezinkinga zokuhleleka, beswele izinsiza, kanye nesixuku esilambile.

Kodwa bavuma ukunikela ngengcosana yezinkwa nezinhlanzi ezimbalwa ababenazo ezandleni zikaKristu, Wayesethi “ziletheni lapha Kimi” (Mathewu 14:18). “**Lokhu okuncane kwandiswa ngokumangalisayo, futhi badla bonke basutha. Isimangaliso sisifundisa ukuthi, nalapho sinezinsiza ezincane, uNkulunkulu angaphelelisa izinto ezinkulu ngabantu abathanda ukuphana.”**

Lapho uJesu eyala abafundi ukuba bondle abantu, wayebiza isimiso sokuziphendulela kwebandla ngokunaka abalimele labo akhuluma ngabo ngomprofethi uIsaya. UJesu ngomprofethi, wayala, “Yabela isinkwa sakho abalambile;” nokubuyisa abampofu nemihambima ekhaya lakho;” Nokwembesa ohambaze, lapho umbonayo” (Isaya 58:7).

INkosi isiyalile ngokusobala: “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo” (Marako 16:15). “Kodwa kukangakhi izinhliziyo zethu zishona, nokholo lwethu luhluleka, uma sibona ukuthi sikhulu kangakanani isidingo, nokuthi incane kangakanani imali esezandleni zethu. NjengoAndreya lapho ebheka izinkwa ezinhlanu zebhali nezinhlanzi ezimbili, wathi, “kepha kuyini lokhu kwabaningi kangaka-na? Kaningi siyangabaza, singathandi ukupha ngalokhu esinakho, sesaba ukukusebenzisela abanye. Kodwa uJesu uyasincenga, ‘Bapheni-nina ukudla.’ Umyalo Wakhe uyisithembiso; futhi emva kwaso kukhona amandla afanayo lawo asuthisa isixuku eduze kolwandle.” 3

Ubizo lwebandla

Amazwi athi, “Bapheni-nina ukudla,” adlulela ngale komongo wokuhlinzekela ngokudla komzimba. Ubizo lwebandla, njengomzimba kaKristu, ukuhlangabezana nezidingo zabantu ngokwesimoya, zomphefumulo kanye nezidingo zezinto ezibonakalayo. UJesu akavumelanga abafundi ukuthi bashwabane ekuziphenduleleni kwabo kokunakekela izixuku, ngesimiso esifanayo kufanele sihole ibandla namuhla.

Isimangaliso sikaKristu sokusuthisa izinkulungwane ezinhlanu ngumfanekiso wokusebenza kwamandla kaNkulunkulu avela esivunweni. UJesu ubeka iveyili eceleni emhlabeni wemvelo futhi embule amandla adalayo lawo asetshenziswa njalo ngobuhle bethu. Ngokwandisa imbewu ephonswa emhlabathini, lowo owandisa izinkwa wenza isimangaliso nsuku zonke. Kuyisimanga ukuthi njalo usuthisa izigidi ngesivuno sasensimini. Abantu babizelwa ukuba basizane Naye ekunakekeleni ukolweni nokulungiswa kwesinkwa, ngenxa yalokhu balahlekelwa ngumbono wesithunywa esingcwele. Ukusebenza kwamandla Akhe abangwa izimbangela zemvelo noma izinsiza zabantu, kaningi izipho Zakhe ziyahlanekezelwa ekusetshenzisweni kokuzithandela okubangele isiqalekiso esikhundleni sezibusiso. UNkulunkulu ufuna ukuguqula konke lokhu. Ufisa ukuthi imizwa yethu ebuthuntu iphangiswe ukuhlukanisa umusa Wakhe onesihe, nokuthi izipho Zakhe zingaba kithi isibusiso asihlosile.

“Kuyizwi likaNkulunkulu, elingenisa ukuphila Kwakhe, okunikeza ukuphila kwimbewu; futhi ngalokuphila, thina, ngokudla ukolweni, siba ngabahlanganyeli. Ngalokho, uNkulunkulu ufisa ukuba sihlukanise; ufisa ukuthi ngokwamukela isinkwa semihla ngemihla singaqaphela isithunywa Sakhe futhi silethwe eduze kobudlelwano Naye.

“Ngemithetho kaNkulunkulu ngemvelo, umphumela ulandela imbangela ngokuqiniseka okungavunyelwe. Isivuno sifakazela ukutshala. Lapha akukho ukuzenzisa okubekezelelwayo. Abantu bangakhohlisa abangane babo futhi bathole ukudunyiswa ngezincephezelo zomsebenzi abangawenzanga. Kodwa emvelweni ayikho inkohliso.” 4

“Esivunweni imbewu iyandiswa. **Uhlamvu olulodwa lukakolweni, luyanda ngokuphinda lutshalwe futhi, lingamboza umhlaba wonke ngezinyanda zegolide. Umfutho ungasabalala ngokuphila okukodwa, ngisho nangesenzo esisodwa.**

Ngaphezu kwalokho ukuphawula ngesimangaliso sokwanda kwezinkwa nezinhlanzi, siyafunda kuMoya weSiprofetho: “Ngesenzo sikaKristu sokunikeza izidingo zesikhashana kwixuku elilambile sisonga isifundo esijulile kuzo zonke izisebenzi Zakhe. UKristu wamukela kuBaba; wakwabela abafundi; abafundi babela isixuku; nabantu omunye komunye. Ngakho-ke bonke abamunye noKristu bazothola Kuye isinkwa sokuphila, ukudla kwasezulwini, futhi basabele abanye.” 6

Ukulamba uJesu akhuluma ngakho kungaqondwa ngendlela ebanzi. Abantu abaningi abasizungezile balambele ukulunga, ukuthula, uthando, nethemba. Ibandla linomsebenzi wokuba ngumsuka wokondla umhlaba ososizini. Umpostoli uJakobe uqinisa leqiniso ngokugcizelela ukubaluleka kokukholwa okuhambisana nezenzo: “Uma umzalwane noma umzalwanekazi behambaze, beswela ukudla kwemihla ngemihla, Kusho omunye kini kubo ukuthi: Hambani nibe nokuthula, nifudumale, nisuthe; kepha ningabaphi lokho okudingwa ngumzimba, lokhu kusizani-na?” (Jakobe 2:15, 16). Ngokufanayo, kwisahluko sokuqala, uJohane uyabuza, “Kepha yena onemfuyi yezwe, embona umzalwane wakhe eswele, amvalele isihawu sakhe, uthando lukaNkulunkulu lungahlala kanjani kuye-na? (1 Johane 3:17).

Umhlaba namuhla ugcwele “izixuku ezilambile” zifuna isizathu, sokuhlangana nethemba. Ibandla libizwa ukuba libe ngumphakathi ophanayo, olungele ukwabelana ngesinkwa sokuphila nokuletha isigijimi esiguqulayo sikaKristu.

Indima yethu yokwandisa

Kulula ukuba uzizwe uphelelwa amandla ngobubanzi bomhlaba wonke okhungethwe yindlala. Singenzenjani, ngezinsiza zethu ezilinganiselwe, ukwenza umehluko ebusweni benkinga enkulu? Imbali yokwandiswa kwezinkwa iyasikhumbuza ukuthi, ezandleni zikaKristu, ngisho nalokhu okuncane esinakho kungandiswa kwabelwe abaningi.

Izibusiso, zesikhashana nezesimoya, zizohambisana nalabo ababela abadingayo ngalokhu abakwamukele eNkosini. UJesu wenza isimangaliso sokusuthisa izinkulungwane ezinhlanu, ezikhathele, isixuku esilambile. Wakhetha indawo enhle engamukela abantu futhi wabayala ukuba bahlale phansi. Wathatha izinkwa ezinhlanu nezinhlanzi ezincane. Akungabazeki ukuphawula kwabaningi okwenziwa njengento engeke yenzeka ukwenelisa abesilisa abayizinkulungwane ezinhlanu abalambile, ngaphandle kwabesifazane nabantwana, okusuka esitolo esintulayo. Kodwa **uJesu wabonga wabeka ukudla ezandleni zabafundi ukuba baphe abantu. Banikeza isixuku, ukudla kwanda ezandleni zabo.** Lapho isixuku sesisuthi, abafundi uqobo bahlala phansi badla noKristu ukudla okuvela kwisitolo sasezulwini. Lesi isifundo esiyigugu somuntu ngamunye ongumlandeli kaKristu.” 7

NjengoJesu’ abafundi basendulo, uNkulunkulu unethemba lokuxhumana nathi njengemizila yokwabelana ngezibusiso Zakhe. “Abafundi babeyimizila yokuxhumana phakathi kukaKristu nabantu. Lokhu makube isikhuthazo esikhulu sabafundi Bakhe namuhla. UKristu

uyisikhungo esikhulu, umthombo wamandla onke. Abafundi Bakhe kufanele bathole ukondliwa kwabo okuvela Kuye. Onokuhlakanipha konke, onomqondo kakhulu wesimoya, banganikeza kuphela njengoba bamukela. Ngokwabo angeke babanakho ukunikeza izidingo zomphefumulo. Singanikeza kuphela kulokhu esikwamukelayo njengoba sabelana nabanye. Njengoba siqhubeka ukwabelana, nathi siyaqhubeka ukwamukela. Kanjalo sizoqhubeka sikholwe, sethembe, samukele, futhi sabelane.” 8

Izikhungo zamaKrestu, izithunywa zevangeli kanye namavolontiya emhlabeni wonke sebaphila lempilo ngempela yokunikezela izimpilo zabo ukuze zihlangabezane nezidingo zabantu ezisengozini enkulu. Kusukela ezinhlelweni zokudla zabantu abalambayo banikeze nemfundiso maqondana neminikelo, impilo nokunaka okuyisisekelo, lezinhlelo zibonisa uthando lukaKristu olusebenzayo. Lokhu okubonakala kukuncane emehlweni ethu kungaba yisiqalo somsebenzi omkhulu ezandleni zikaNkulunkulu. Akufanele silinde size sibe nokuningi ezandleni zethu; kodwa lokhu esinakho namuhla kungaba ithulusi ezandleni zikaKristu ukuphelelisa lokhu okungeke kwenzeka.

Ubizo lokusebenza

Isicelo sikaKristu kubafundi Bakhe siyaqhubeka ukuphindwa namuhla. Uyasinxusa ukuba sibe yinxenye yomsebenzi Wakhe Wokuhlenga emhlabeni, kakhulu umongo wehlabathi lonke odinga kakhulu. Indlala, isathinta izinkulungwane zabantu, futhi amaKrestu abizelwa ukuba yimpendulo kaNkulunkulu kulezidingo.

Lobizo lokusebenza luqala ngesenzo esincane sobubele: izwi lokukhuthaza, isipho kulabo abadingayo, noma ukumiswa kosizo lomphakathi emabandleni ethu afuna ukuhlangabezana nezidingo zomzimba nesimoya somphakathi wethu. Angeke sanganaka indlala yezwe lonke, kodwa njangabafundi bakaKristu, sinikwa inselelo yokusebenza ngesihawu nokuphana.

“UJesu akazange afune ukuthathekisa abantu Kuye ngokwenelisa izifiso zokunethezeka. Kulesixuku esikhulu, esikhathele nesilambile emva kosuku olude noluthokozisayo, ukudla okulula kwaqinisekisa kokubili amandla Akhe nokunakekela Kwakhe okumnene kubo ngezidingo ezivamile zokuphila. UMsindisi akazange athembise abalandeli Bakhe ukunethezeka komhlaba; iningi labo livalwe ubumpofu; kodwa izwi Lakhe liyisibopho sokuthi izidingo zabo zizoneliswa, futhi uthembisile ukuthi yikuphi okungcono kunobuhle belizwe-ukunethezeka okuhlalayo kobukhona Bakhe.

“Emva kokuba izinkulungwane seziphiwe ukudla, kwabakhona ukudla okuningi okwasala. UJesu unxusa abafundi Bakhe, ‘Buthani imvuthuluka eseleyo, kungachitheki lutho.’ (Johane 6:12) Lamazwi asho okukhulu kunokufaka ukudla ebhasikidini. Isifundo sasiphindwe kabili. Akukho okufanele kuchithwe. Akufanele sivume ukulahlekelwa nayithuba elincane. Akufanele singanaki lutho okuzosebenza ukusiza isidalwa somuntu. Vumela zonke izinto ziqoqwe ezizokhulula izidingo zalabo ababulawa indlala. Ngokunakekela okufanayo kumele

silondoloze isinkwa esivela ezulwini ukwenelisa isidingo somphefumulo. Ngalolonke izwi likaNkulunkulu kufanele siphile. Makungabikho uNkulunkulu akukhulumile okufanele kulahleke. Malingakukho izwi nelilodwa eliphathelene nosindiso lwethu lwaphakade okumele linganakwa. Makungabikho izwi elilodwa okumele liwele emhlabathini lingasizi ngalutho." 9

"Njengoba sibona izidingo zabampofu, abangenalwazi, abahluphekile, kukangakhi izinhliziyo zethu zishona phansi. Siyabuza, kuyini okubandakanya amandla ethu obuthakathaka kanye nezinsiza zokusebenza ezithambile ukunikeza isidingo esesabekayo. Angeke yini silinde ukuthi umuntu onamandla amakhulu aqondise umsebenzi, noma inhlangano ethile ukuba yenze?' UKristu uthi, 'Bapheni-nina ukudla, sebenzisa imali, isikhathi, ikhono, onalo. Letha izinkwa zakho zebhali kuJesu.

"Noma izinsiza zakho zingaba zincane ukondla izinkulungwane, zingenelisa ukondla oyedwa. Esandleni sikakristu bangondla abaningi. Njengabafundi, yipha ngalokho onakho. UKristu uzokwandisa isipho. Uzovuza ukuthembeka, ukweyama okulula Kuye. Lokhu okubonakala kukuncane kuzoba yidili elinothile." 10

ISIPHETHO

"Bapheni-nina ukudla" akuwona umyalo wesisa, kodwa ubizo lokuziphendulela. UJesu ubonisa ukuthi asidingi ukuba nokuningi okuzokwenza umehluko; kufanele sinikele ngalokhu esinakho ezandleni Zakhe. Ngokufanayo nezinkwa kanye nezinhlanzi ezandiswa, uKristu angandisa imizamo yethu nezinsiza ukondla izixuku ezilambile ezisizungezile ngokwesimoya nangokomzimba.

Emhlabeni lapho izigidi zabantu zihlupheka ngenxa yendlala, ibandla kufanele liqhubeka ukusabela lobizo ngesihawu, njengesifanekiso sothando lukaKristu emphakathini odinga kakhulu ukunakekelwa nethemba.

Okuphathelene

1. http://www.wfp. Org/publications/state-food-security-and-nutrition-world-sofi-report.
2. *The Desire of Ages*, p. 364.
3. Ibid., p. 369.
4. *Education,* pp. 107, 108.
5. Ibid., p. 109. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
6. *The Desire of Ages*, p. 369.
7. *Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 263. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
8. *The Desire of Ages*, p. 370.
9. *Steps to Christ,* p. 23.
10. *The Ministry of Healing,* pp. 47, 48.
11. Ibid., pp. 49, 50.

NGOLWESITHATHU, ZIBANDLELA 10, 2025

EZINDLELENI NASEZINTANGWENI

NGU DANIEL BALBACH-USA

UJesu unikeza umfanekiso othathekisayo: “Umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi: Ngesikhathi sedili wathuma inceku yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo ukuthi: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke. Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye; owokuqala wathi kuye: Ngithengile insimu, kuswelekile ukuba ngiye ngiyibone; ngiyakuncenga mawungilandulele. Omunye wathi: Ngithengile izinkabi eziyishumi, sengiya ukuzilinga; ngiyakuncenga, mawungilandulele. Omunye wathi: Ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze. Isibuyile inceku yabika lokho enkosini yayo. Khona umninimandla wathukuthela, wathi encekwini yakhe: Khawuleza, uye emigwaqeni nasemincingweni yomuzi, ungenise lapha abampofu, nezilima, nezimpumputhe, nezinyonga. Yathi inceku: Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo. Yathi inkosi encekwini: Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubancindezele ukuba bangene ukuba igcwale indlu yami.” (Luka 14:16-23).

Yimaphi amaxuku amabili okuqala amenywa kulelidili, futhi lokhu kubonakalisa ini-na?

“Ngesidlo esikhulu, uKristu ufanekisa izibusiso ezinikelwayo ngenxa yevangeli. Amalungiselelo awamancane kunoKristu uqobo Lwakhe. Uyisinkwa esehla sivela ezulwini futhi Ngaye imifula yensindiso iyageleza. Izizithunywa zeNkosi zithe zamemezela kumaJuda ukubonakala kokuqala koMsindisi, bezikhomba kuKristu’njengeWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe.’ Johane 1:29. Kwidili alilungisile, uNkulunkulu wanikela kubo isipho esikhulu leso iZulu elingasinika…’Uma umuntu edla lesisinkwa,’ kusho uKristu, uyakuphila phakade.’ Johane 6:51.” 1

Ukusuka kwisiqephu samazwi angenhla siqonda imicijo emibili emihle:

1. Isimemo sokuqala sanikezwa amaJuda, leso esifanekiswa amaKrestu namuhla njengabantu abakhethiweyo. “Kepha uma ningabakaKristu, seniyinzalo kaAbrahama, niyizindlalifa ngokwesithembiso” (Galathiya 3:29).

2. Njengezinceku nezithunywa zikaNkulunkulu, sinethuba lokunikeza umhlaba isimemo sokwamukela ngesihle isinkwa sokuphila, leso uKristu ngoKwakhe, “UJesu wathi kubo, Mina ngiyisinkwa sokuphila” (Johane 6:35).

Isizwe samaJuda senqaba isimemo ngenxa yesimo sabo sesimoya-becabanga ukuthi “Bacebile, abaswele lutho” (Isambulo 3:17). Isimemo manje sinikezwa ixuku lesibili labantu. INkosi yatshela inceku encwadini kaLuka 14:21, “Khawuleza, uye emigwaqeni

nasezingcingweni yomuzi, ungenise lapho abampofu, nezilima, nezimpumputhe, nezinyonga." Lokhu akakukhulumi ngomcijo oqondile kepha ngomcijo wesimoya. Uma labo abafanekisa abantu bakaNkulunkulu namuhla becebile, besekuthi labo abasemigwaqeni emikhulu nemincane yilabo abanesimoya esimpofu, esibuthakathaka, abayizimpumputhe.

"Isibuyile inceku eyaletha abampofu nezimpumputhe yabika enkosini yayo, 'Nkosi sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo. Yathi inkosi encekwini: Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubancenge ukuba bangene ukuba igcwale indlu yami.' Lapha uKristu ukhomba umsebenzi wevangeli ngaphandle kwamaJuda amancane, emigwaqeni nasezintangweni zomhlaba.

Kusho ukuthini ngamaxuku amabili okugcina ashiwo kumfanekiso, kufaniswa nemigwaqo nezintango (noma izintango)? Lamaxuku amabili abhekwa Ngokufunzelelwa njengabantu bomhlaba, labo abangaphandle kwenkolo yethu.

Phakathi kwesikolo sokufundisa ukuhambisa ivangeli kumabandla ahlukahlukene, ngithe ngaphawula imizamo yethu-nalokhu esikuntulayo-ukufinyelela kulabo abangaphandle kwenkolo yethu. Ekuqaleni kwexuku lokuqala, Ngacela abafundi ukuba babheke yonke indawo baphawule ukuthi bangakhi egumbini abangamakholwa amasha avela ngaphandle kwebandla, abathe bamukelwa ngaphakathi iminyaka emihlanu edlule." Kulelixuku elikhulu, kukhona oyedwa noma ababili abaqeda ukuzinikela enkolweni abaphuma "elizweni." Lokhu kuvusa umbuzo onzima kumuntu ngamunye: njengezinceku zikaKristu, ingabe ngokukhuthala siyafinyelela yini ekumemeni abanye kwidili elikhulu, lapho uJesu uQobo eyisinkwa sokuphila-na?

Singabuza, "Ngingawenza kanjani lomsebenzi? Kakhulukazi, ngubani osemhlabeni okumele ngifinyelele kuye?" Singazizwa singaqiniseki ukufinyelela kubantu abavela kwizigaba ezihlukene-noma abantu abafunde kakhulu, abacebile, noma abanenkolo ehlukile kumasiko amaKrestu nezimfundiso zawo. Abanye bangazizwa bekude nezinkolo zasemphakathini ngenxa yokhetho lomuntu, indlela yesono aphila ngayo ingaba yintakazelelo, noma amasiko emvelo. Kukhona ukungabaza kokuthi abantu abanjalo bazoba nentakazelelo ezindabeni zesimoya noma bavulekele ukuhlangana nebandla.

Iningi lethu licabanga ukuthi angeke kwabakuhle noma kubalungele ukuletha abantu abanjalo ebandleni. Lokungabaza kungavuka uma sicabanga ukufinyelela kubo. Ukwenza ngcono lokungabaza, kubalulekile ukukhomba Kokuphefumulelwe uzothini ngexuku lokuqala ukulimema kwidili levangeli-kulabo "abasemigwaqeni."

Emigwaqeni emikhulu

"Isimemo sokuza edilini sanikezwa kuqala abantu bamaJuda, abantu ababizelwa ukuba beme njengothishela nabaholi phakathi kwabantu….Lapho ubizo lwevangeli luthunyelwa kwabeZizwe, isigijimi kuqala kufanele sinikezwe 'emigwaqeni emikhulu'-kubantu abanenxenye esebenzayo emsebenzini yelizwe, kothishela nabaholi babantu.

"Vumela izithunywa zeNkosi zigcine lokhu engqondweni. Kubalusi bomhlambi, kothishela abakhethwe ngobungcwele, kufanele lize njengezwi okumele liqashelwe. Labo abasezikhundleni eziphezulu zomphakathi kufanele bafunwe ngothando olumnene nangokukhonza kobuzalwane. Abantu abaphila kumabhizinisi, labo abasezikhundleni

eziphezulu zokwethenjwa, abantu abanamandla okuqamba nenhlakanipho yangaphakathi, abantu abanobuhlakani, abashumayeli bevangeli izingqondo zabo ezingabizelwanga umsebenzi okhethekile weqiniso lanamuhla-labo yibo abokuqala okufanele bezwe ubizo. Kubona isimemo kufanele sinikezwe.

"Kukhona umsebenzi okumele wenziwe maqondana nabacebile. Umuntu ocebile udinga ukusebenza kwakho ngothando nangokwesaba uNkulunkulu. Kaningi ocebile ithemba lakhe lisezintweni anazo, futhi ubona lokhu njengento engenangozi. Iso lengqondo yakhe kufanele liqondiswe kwizinto zenani elingapheliyo….

"Labo abemi ngokuphakama emhlabeni ngenxa yemfundo yabo, ingcebo yabo, noma ubizo lwabo, akuvamile ukuthi kubhekwe ngqo maqondana nentakazelelo yomphefumulo. Abasebenzi abaningi abangamaKrestu bayangabaza ukusondela kulamaxuku anjalo. Kodwa lokhu akufanele kubenjalo." 3

Umngani othandekayo kababa wami ungaphansi kwalelixuku. Ngeshwa, ngesikhathi ubaba wami edlula emhlabeni ngenxa yokufa, yisikhathi lapho "ngangingowomhlaba." Kodwa emva kokuzinikela enkolweni ngaba ngumvangeli weBhayobheli, ngaphoqeleka ukuba ngisondele kumngane kababa wami. Ungumuntu onobuntu, kanjalo bengihambela ikhaya lakhe ngidle naye isidlo sakusihlwa. Njengoba ubungane bethu buqhubeka, ngacela eNkosini indlela yokwabelana naye njengoba ngangingabaza. Uma ngihambela ekhaya lakhe, wayengibonisa ivili elenziwe ngobumba emlilweni, njengoba ethanda ukubumba njengento yokuchitha isizungu. Izikhathi ezihlukene wayebuza ukuthi ngingabumba naye, kodwa kaningi ngangenqaba, kungathi lokhu akungithokozisi. Kodwa, njengoba ngiqhubeka ukumvakashela, ngangikhuleka ukuba ngithole indlela yokwabelana ngevangeli naye. Ngolunye usuku ngikhuleka, ngacindezelwa ukuba ngithathe enginikwa kona ukusebenza ngobumba sindawonye-ngaqonda ukuthi lokhu kungaba indlela yokungena ngabelane ngevangeli.

Lapho ngikhuluma nalobaba ukuthi ngingathanda ukufunda ukusebenza ngobumba, wajabula kakhulu. Ekuqaleni komsebenzi, sobabili sathola amava amakhulu-futhi ungakholwa yilokho noma cha, ngabanakho ukwaba izinto zesimoya zokuthi uKristu ubumba kanjani, nokuthi thina singubumba. Emva kwalokho sisonke, ngabanakho ukutshala imbewu yevangeli lapha nalaphaya-futhi ubungani bethu bajula. Ngaqala ukuzwisisa kakhulu indlela kaKristu yokuzuza imiphefumulo:

"Yindlela kaKristu kuphela ezonikeza impumelelo yangempela yokufinyelela abantwini. UMsindisi wayehlangana nabantu njengalowo ofuna ubuhle babo. Wayebonakalisa isihawu Sakhe kubo, enelisa izidingo zabo, wayezuza ithemba labo. Wabancenga ethi, 'Ngilandeleni.' "4 Lokhu kuhlanganisa ubudlelwano obujulile nokuthola ithemba lokuzuza omunye. Nokho njengoba sikhulisa ubungani obusondelene nomunye, singabelana kangcono ngevangeli. Namuhla, emva kweminyaka elishumi, lendoda kanye nami sisengabangani abakhulu-futhi ngiyaqhubeka ukutshala imbewu yeqiniso, nginethemba lokuthi ngolunye usuku angabakhona embusweni kaNkulunkulu ezulwini.

Sitshelwa yincwadi Ephefumulelwe ukuthi uKristu wafaka umzamo Wakhe kwisigaba esithile sabantu-futhi siyaboniswa ukuthi wayefinyelela kanjani kubo. UJesu "wayefuna ukuzijwayeza abantu abacebile nabaFarisi abaphucuzekile, amaJuda asebukhosini, ababusi baseRoma. Wayevuma izimemo zabo, ahlanganyele kumadili abo, azijwayeze lokhu

okubathokozisayo nemisebenzi abayenzayo ukuze athole ukungena enhliziyweni yabo, futhi embule kubo ingcebo engapheliyo.” 5

Ezintangweni

Siyatshelwa ukuthi sifinyelele nakulabo “abasezintangweni” noma “ababiyelwe.” Uma sikhuluma ngesikhathi sikaMose, iBhayibheli liphawula ukuthi “abafokazi, nezintandane, abafelokazi, abangaphakathi kwamasango akho, bayakuza, badle, basuthe.” (Duteronomi 14:29). Umoya Ophefumulelwe uyasitshela, akufanele sicabange kuphela ngabantu abakhulu nabaneziphiwo, sikhohlwe yixuku elimpofu kakhulu. UKristu uyala izithunywa Zakhe ukuba zihambe ziye ezintangwini nalabo ababiyelwe, kwabampofu nabancane bomhlaba. Ezigodlweni nasemizileni yamadolobha amakhulu, ezintangweni ezisithekile zelizwe, kukhona imindeni nabantu abahlala ngabodwana-hleze izihambi ezweni abangalazi-abangenabandla abangena kulo, nalabo, ngokuba bebodwa, bazizwe sengathi uNkulunkulu ubakhohliwe.” 6

Ukulahla ubandlululo lwethu

Njengomuntu osemusha, bengithengisa amahora amahlanu imihla ngemihla ukungisiza ukuba ngikhokhele imali yesikolo. Uthishela wethu wasifundisa izimiso eziningi ezinhle ezitholakala kumfanekiso wesidlo esikhulu. Esinye ukuthi kumele sithengise kuzo zonke izigaba zabantu esakhelene nabo, kungesikho lapho sizothengelwa khona kakhulu. Ngolunye usuku siya kulabo abacebile, ngosuku olulandelayo komakhelwane abampofu.

Ngolunye usuku lapho ngithengisa komakhelwane abampofu, ngaba namava akhanyayo. Lapho ngisondela emnyango wangaphambili, ngabona izinto ezithize ezembula izimilo eziqinile eziphilwa kulelokhaya. Njengoba ngikhulule eLos Angeles elikhulu, eCarlifonia, ngabanakho ukuqonda iphunga lomsheshwane-lapho umyango uvuleka, ngabona ixuku lamadoda egunjini okuhlalwa kulo liphuza utshwala libhema nensango. Ngabona nemibala nohlobo lwezambatho ukuthi hleze laba ngamaxuku ezigebengu. Uma ngiqala ukuthengisa, umcabango wami wokuqala ukuthi ngizotshelwa ukuthi, “asinayo intakazelelo!” noma umnyango uzovalwa ebusweni bami ngamandla.

Kodwa akuzange kubenjalo…ngabanakho ukuthengisa zonke izincwadi ezine noma ezinhlanu ebengiziphethe ezandleni zami lapho obeme emnyango elalele ngokubekezela engikushoyo. Lapho sengiqedile, wathi, ‘Linda kancane,” wabuya ephethe imali engange $20, ethi, “ngizothatha leyo,” ekhomba incwadi yesimoya. Lapho ngiphuma ukufuna ushintshi (njengoba ngalezo zinsuku izincwadi zabibiza $10 ngayinye,) wathi “ngcina kuwe ushintshi, uqhubekele phambili ukwenza umsebenzi owenzayo, uNkulunkulu akubusise!”

Uma ngiphuma kulelokhaya, ngazindla ngesifundo esibalulekile engisifundile. Uma ngisondela kulendlu, ngaba nokucabangela phambili. Kakhulu emva kokuvulwa komnyango, ngacabanga, “kungani ngithe ngangqongqotha emnyango? Ngempela labantu benza okuphambene noNkulunkulu nelizwi Lakhe, “**ngakho kungani ngichitha isikhathi-sami nesabo ngabelane nento abangenantakazelelo kuyo?” Kodwa akukho eBhayibhelini ukuthi sibe nomcabango onjalo ngemiphefumulo. Uyasincenga ukuba sifune nokusindisa okulahlekileyo”** (Luka 19:10). Njengoba sifundisiwe izinto ezibalulekile zokuthengisa

izincwadi, okunjalo kufana nokugqoka okubukhali, ngokwazi ukuthengisa kahle nokuba nelihlo lokubheka okuhle, ngicabanga ukuthi lokhu kukhuthaze umuntu. Hleze acabange, 'Lena indlela okumele ngiphile ukuphila kwami," futhi ngokungenzeka, "mangixhase lomuntu osemusha, njengoba esendleleni elungile." Ngiyakholwa futhi ukuthi imbewu itshaliwe ngencwadi-nokuthi naye ufuna ukulandela indlela elungile.

"UNkulunkulu unikezile umyalo okhethekile maqondana nesihambi, olahliwe, nemiphefumulo empofu ebuthakathaka ekuziphatheni. Abaningi ababonakala bephelele benganaki izinto zezenkolo enhliziyweni balangazela ukuphumula nokuthula. Noma bejule ekwenzeni isono, likhona ithemba lokubasindisa….

"Tshela ompofu odangele othe waphambuka ukuthi angadangali. Noma ephambukile, uyalangaza ukukhulisa isimilo esilungile. UNkulunkulu ujabulela ukubabuyisa, ngisho nenjabulo yensindiso Yakhe. Ujabulela ukusebenzisa into engenathemba, labo uSathane athe wabasenzisa, uzobenza izikhonzi zomusa Wakhe. Ujabulela ukubakhulula olakeni olwehlela labo abangalaleli. Batshele ukuthi kunekhambi lokwelapha, elihlanza wonke umphefumulo. Ikhona indawo yabo etafuleni leNkosi. Ulindele ukubangenisa ngaphakathi." 7 isikhuthazo esihle kangakanani uma sithatha lomsebenzi! UNkulunkulu ufuna ukusebenzisa mina nawe ukuba sabelane nevangeli Lakhe ukuze abuyisele umfanekiso Wakhe kubantu abafana nalembali engaphezulu, futhi wayelindele ukubanika indawo etafuleni Lakhe uma besabela imimemo sobizo Lwakhe.

Omunye "ezintangweni" noma "obiyelweyo"

Enye imbali ekhethekile mayelana nomphefumulo othandekayo "obiyelwe" uza kamuva lapho ngangihola uhlelo lokuthengisa izincwadi esifundeni saseWashington. Kwkukhona udade osemusha igama lakhe kungu Daisy kulohlelo (nganikezwa ilungelo lokusebenzisa igama lakhe lokuqala.) Wayejabulile kakhulu ukuba namava okufunda ukuthengisa izincwadi, njengoba bekuyigama lakhe lokuqala. Wayefisa ukufinyelela imiphefumulo-futhi njengomthengisi angazigcinela inxenye yemali ayizuzile, ejabulela nokuthola imali yokuya esikolweni sokuhambisa ivangeli.

Ngolunye usuku lapho sonke sasiphumile ukuthengisa izincwadi, ngamangala lapho ngibona uDaisy ejabulile futhi enamile. (Ngokuvamile ubengumuntu ozothile nothulile.) Kwatholakala ukuthi ubenamava amangalisayo nowesifazane othenge izincwadi ezimbalwa wamupha isikhwama esigcwele imali ukuba azikhokhele. Uma ebala imali kwakukhona $350 esikhwameni kunezimali ezahlukene zamabandla. Ngokumangala, abanye abathengisayo babuza uDaisy ngalona owesifazane. Ingabe ucebile-na?

"Cha," kuphendula uDaisy. "Wehluke kakhulu, futhi uphila ezimeni eziphansi." Ngaleso sikhathi, ngacindezeleka ukuhambela lowesifazane ukumbonga ngomnikelo wesihle ukusiza uDaisy nokubona ukutho ngingathola inamba yokuxhumana naye nginike umfundisi wendawo ukuba alandelele ukuya phambili. Lapho uDaisy engipha lapho ngingathola ikhaya lakhe, ngema ngenhla kwesitiladi kunendlu enezindonga eziwayo ngasondela emnyango. Ngaphambili kukhona intombazane cishe ineminyaka eyishumi nambili ingagqokanga izicathulo, ibheke enye yezincwadi ethengwe ngumama wakhe nguDaisy.

Lapho ngicela kulomntwana ukukhuluma nomama wakhe, umnyango wawuvuliwe, lona owesifazane onedumela-futhi ongabazekayo weza emnyango, wabuza ukuthi ngingubani. Ngambonga ngomnikelo wakhe wesihle kudadewethu uDaisy, ungamangala imicabango ebenginayo ekhanda lami. Kungani lona owesifazane-phakathi kwabantu bonke-anikela ngomnikelo omkhulu kangaka kuDaisy, futhi kungani enentakazelelo yezincwadi noma izindaba zesimoya ngempela-na?

Imibuzo yami yaphendulwa ngokushesha…Ngambuza ukuthi ngingashiya yini ezinye izincwadi, njengoba enezinye angazitholanga, ngenxa yokuthi unikele ngokwedlulele. Ngacela ukuthi angiphe inamba yakhe yokuxhumana ukuze umfundisi wasendaweni angaletha umkhuleko, nezifundo zeBhayibheli, nokunye.

Waphendula wathi angeke anginike inamba yakhe ukuze ngilethe izifundo zeBhayibheli, nokunye, kodwa uzonginika ngesizathu esisodwa: wangitshela ukuthi uthathekiswe uDaisy, ukuziphatha kwakhe, nesifiso sakhe sokulandela uNkulunkulu nokuya esikolweni sokuhambisa ivangeli, yena njengomama okhulisa umntwana eyedwa ufuna ukugcizelela okufanayo ngendodakazi yakhe. Wayefuna ukuthi ngamukele indodakazi yakhe kuhlelo lokuthengisa izincwadi. Ngamtshela ukuthi indodakazi yakho isencane kakhulu, ngathembisa ukuthi sizomfaka-nokuthi sizoza simlande-ukuba ahlanganyele nathi uma siphumela ngaphandle ngesikhathi sekhefu lethu.

Lona wesifazane wangitshela ukuthi mangilinde, njengoba ebuyela endlini ukuthatha esinye isikhwama esiphethe imali (cishe enye $350). Lapho sengiqedile uhlelo lweviki ntambama, uDaisy wangitshela ukuthi yena nalabo asebenza nabo bakwazile ukulanda intombazana izikhathi ezimbalwa bahamba nayo ukuba ihlanganyele nabo ezindaweni ezihlukene nokuthi imbewu yevangeli itshaliwe.

Njengoba ngibuyela emuva kulembali ngikhumbula imbali kaMariya Magadalena esendlini kaSimoni. Lona owesifazane, njengoMariya, wazimisela ukunikela ngakho konke anakho ngenxa yethuba lokuzuza ingcebo yomusa wombuso kaNkulunkulu ngenxa yendodakazi yakhe. Ohambeni lwethu njengabafokazi, njengoba siqhubeka ohambeni lwethu sihlangana nabanye ababiyelweyo njengalona wesifazane nalona wesilisa kwimbali yokuqala, kufanele sizibuze, “Ingabe mina, noma sonke, sifana noSimoni uMfarisi, ogcwele ukwahlulela nokugxeka-noma sifana noKristu-na?

“Lowo owamukele izihambi waphendukela kulabo abadelela ukugcwala kwayo futhi wamema isigaba esingenalutho, abangenazo izindlu nemihlaba. Wamema labo abampofu nabalambile, nalabo abazothokozela isipho abasiphiweyo. ‘Abathelisi nezifebe bangena phambi kwenu embusweni kaNkulunkulu’ (Mathewu 21:31). Kodwa-ke kuyadabukisa kakhulu uhlobo lwabantu lapho amadoda enyaya futhi aphenduke khona, ukuqaphela kakhulu, uthando lukaNkulunkulu. UKristu ulangazela ukuthi abasindwayo, abakhathele, abantu abacindezelwe beze Kuye. Izoni ezahlukene bangumgomo wokuhawukela Kwakhe okujulile, okuqotho nothando.” 8

Isiphetho

Bazalwane abathandekayo, nodade, nabantu abasha! Ingabe nizosabela ubizo lokufuna nokusindisa okulahlekileyo-na?
Isimemo sevangeli kufanele siye ezweni lonke- “ezizweni zonke, nemindeni, izilimi, nabantu” (Isambulo 14:6). Isigijimi sokugcina sesixwayiso nomusa kufanele sikhanyise umhlaba wonke ngenkazimulo yaso. Kufanele sifinyelele kuzo zonke izigaba zabantu-abacebile, abampofu, abaphakeme, nabaphansi. “Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubancindezele bangene ukuba indlu Yami igcwale” (Luka 14:23). Enye yezindlela zokuphumelelisa lobizo ukuba uthume abantwana bakho, izizukulwane, abashana, abantwana bakadadewenu ukuba ubafake kuhlelo lokuthengisa izincwadi kanye nezikolo zokuhambisa ivangeli, lapho bangafundiswa khona ukwabelana ngevangeli ngesibindi nangothando. Nawe, futhi, ungabusiseka futhi weneliseke ngobizo lwakho lokwakha ubudlelwano nalabo abasemphakathini-kungenandaba ukuthi banekhono elikhulu kangakanani, omakhelwane abahluphekile, noma ngubani okude nokukholwa-ngokubonisa uthando lukaKristu ngokuziphatha okunomusa, usizo olusebenzayo, amazwi ethemba, futhi nokulalela okunesihawu. Wabelane nezinsiza ezinjengokudla, izimpahla, noma izincwadi zesimoya kulabo abakhohliwe noma badelwa ngumphakathi, futhi bahlanganyela kwimfundo yomcabango nangezingxoxo zamaqiniso angunaphakade. Ngokuhlangana nabantu bonke, njengoba uKristu akwenza, singazuza ithemba labo sibamemele esidlweni esikhulu.

Kwangathi iNkosi ingasebenzisa umuntu ngamunye wethu, kokubili imizamo ehleliwe nobufakazi bomuntu ngamunye, ukuqhubekisela phambili Uthumo Olukhulu luka (Mathewu 28:19, 20) sibe ukukhanya kwelizwe njengoba siqhubekela phambili simemela abanye Kwisidlo Esikhulu. Amen!

Okuphathelene

1. *Christ’s Object Lessons*, pp, 222, 223.
2. Ibid., p. 226.
3. Ibid., pp. 229, 230.
4. *The Ministry of Healing,* p. 143.
5. Ibid., pp. 24, 25.
6. *Christ’s Object Lessons*, pp, 232, 233.
7. Ibid., p. 234.
8. Ibid., pp. 225, 226.

NGOLWESIHLANU, ZIBANDLELA 12, 2025

“UKUKHOLWA KWAKHO KUKUSINDISILE”

NGU RICCADO GAYE – ANGOLA

“‘Uma ngingathinta nje ingubo Yakhe, ngizakusindiswa.’ Mathewu 9:21. Lamazwi akhulunywa ngowesifazane ompofu-owesifazane owahlupheka iminyaka eyishumi nambili ngesifo esenza ukuphila kwakhe kubenzima. Wachitha yonke imali yakhe kodokotela nasemithini yokwelapha, kodwa ekugcine kwathiwa isifo sakhe aselapheki. Kodwa njengoba ezwa ngeNyanga Enkulu, ithemba lakhe lavuselelwa. Wathi phakathi kwakhe, ‘Uma ngingasondela eduze kuphela ngikhulume Naye, Ngingasinda.’

“UKristu wayesendleleni Yakhe eya ekhaya likaJayiru, urabbi ongumJuda owamncenga ukuba eze aphilise indodakazi yakhe. Isicelo esizwisa ubuhlungu, Indodakazi yami iyafa manje: ngiyakunxusa, kepha woza, ubeke isandla Sakho phezu kwayo, izakuphila’ (Marako 5:23), kuthe kwathinta ubumnene, benhliziyo kaKristu enozwelo, futhi uJesu wasuka elandela umbusi endlini yakhe.

“Babehamba kancane; ngoba isixuku sasicindezela uKristu yonke indawo. Ehamba endleleni Yakhe phakathi kwesixuku, uMsindisi wasondela eduze lapho owesifazane ohluphekile eme khona. Izikhathi eziningi ezama ukusondela eduze Kwakhe wehluleka. Manje ithuba lakhe lifikile. Wabona ukuthi ayikho indlela yokuba angakhuluma Naye. Angeke afuna ukuvimbela indlela yokuhamba Kwakhe kancane. Kodwa wezwa ukuthi ukuphiliswa kuyenzeka ngokuthinta ingubo Yakhe; futhi, ngokwesaba ukulahlekelwa ithuba lokuphila, wadlulela phambili, ethi ngaphakathi kwakhe, ‘Uma ngingathinta nje ingubo Yakhe, ngizakusindiswa.’

“UKristu wazi yonke imicabango yalowo owesifazane, futhi waya lapho emi khona. Waqonda isidingo sakhe esikhulu, futhi wamsiza ukuba usebenzise ukholo lwakhe.

“Njengoba edlula ngendlela, wasondela phambili ephumelela ukuthinta umphetho wengubo Yakhe. Ngalesosikhathi wezwa ukuthi uphilisiwe. Ngokuthinta nje okukodwa okuqondiswe ekukholweni kokuphila kwakhe, masinyane ubuhlungu nokunengantenga kwanyamalala. Ngokushesha wazizwa ethokozile njengomsinga wogesi udlula kuwo wonke umthambo wobuntu. Kwafika ukwethuka bokuphila okuphelele. ‘Wezwa emzimbeni ukuthi uphulukile enhluphekweni yakhe.’ Vesi 29.

“Owesifazane egcwele ukubonga wayefisa ukugcizelela ukubonga kwakhe kuMelaphi Onamandla, omenzele okukhulu ngokuthinta okukodwa ukudlula odokotela abakwenzile iminyaka eyishumi nambili; kodwa akakwenzanga lokho. Ngenhliziyo ebongayo wazama ukusuka phakathi kwesixuku. Masinyane uJesu wema, ebheka ngapha nangapha waBuza, ‘Ngubani ongithintileyo?’

“Bambheka ngokumangala, uPeter waphendula, ‘Nkosi, izixuku zikuminyanisa, zikucindezele, usho kanjani ukuthi ngubani ongithintileyo?’ Luka 8:45.
“‘Ukhona ongithintileyo,’ kusho uJesu; ‘ngokuba ngizwile kuphuma amandla kimi.’ Vesi 46. Wabanakho ukuhlukanisa ukuthinta kokholo kunokuthinta okuvamile kwesixuku esingakhathali. Kukhona omthintile ngenhloso ejulile futhi wathola impendulo.
UKristu akazange alethe umbuzo ukuzitholela imininingwane Yakhe. Ubenesifundo esiza kubantu, nakubafundi Bakhe, nangenxa yalowo wesifazane. Ubefisa ukungenisa enhliziyweni ohluphekile ngethemba. Wayelangazela ukubonisa ukuthi kungenxa yokukholwa okulethe amandla okwelapha.” 1

Amava ami ombhede

Ngonyaka ka1996, bengihlala ngangigula kakhulu empilweni ngiseduze nokufa futhi ngangizimisele ukuya kunoma yisiphi isibhedlela somphakathi noma sangasese, naphezu kokuthembela emcabangweni ojwayelekile kuvame ngokuya ngamasiko ongokomoya. Ngokuphambene nalokho, ngagcina ngisesibhedlela sezempilo lapho izibani zakhona zibonisa ukwamukeleka imini nobusuku. Lapho ngagcina ngihlala isikhathi esingaphezu konyaka.

Esibhedlela, indlela eqondile yokuthola ukusinda njengoba yenziwa yayehlukile kunaleyo engiyilindele. Izinyanga ezimbalwa zokuqala, umuthi wokuqala bekungukudla ukudla okuluhlaza, bese kuba ukuhlola izwi likaNkulunkulu, kugcine ngokulalela ofundisayo. Cishe ekupheleni kwesigamu sonyaka wokuqala, yilapho isisebenzi sithe sagxila ekwelapheni umphefumulo wami lapho ukwelashwa komzimba kuphawula izinkinga ezimbili ngempela ezingiholelele kulesimo kwasekuqaleni.

Ngangisekhona esibhedlela lapho ngesikhathi esifanayo kungena isiguli somuntu omusha siphelekezelwa ngugogo waso. Isimo sokugula kwakhe sasesabeka. Wayesesimeni esiyingozi, engakwazi ukunyakaza noma azinakekele ngokwakhe, edinga kaningi ukunakwa. Ekugcineni kokuphila kwakhe, owesifazane osemusha wahlala esembhedeni engavuki, ethola ukunakekelwa nosizo lapho ebekezelela ubuhlungu obukhulu okuphithene ngenxa yokugula kwakhe.

Ugogo wakhe, ubengumuntu okhuleka kakhulu, wakhala ethangeni lomzukulu wakhe. Lona owesifazane kuyabonakala ukuthi wayezamile ukuthola usizo kuzo zonke izibhedlela ezinkulu waphuza yonke imithi etholakalayo, kodwa akazange anqobe isimo abhekene naso. Njengendlela yokugcina, ugogo manje wagcizelela ngamandla kumzukulu ukuthi udinga ukuba avume izono zakhe kuNkulunkulu, ngokuphelelwa yithemba esho ngokuya ngesaga eBhayibhelini esithi “kanjalo esiqalekiso esingenasizathu asizi” (Izaga 26:2, isigaba sokugcina).

“USathane nguye umsunguli wezifo zonke; futhi umelaphi uyakhathala ukumelana nomsebenzi wakhe namandla. Ukugula kwengqondo kukhona yonke indawo. Izifo eziyisishiyagalolunye kweziyishumi abantu abagula ngazo isisekelo silapha. Hleze abanye izinkinga zasekhaya abaphila ngaphansi kwazo zilapho, njengesifo esidla umzimba, esidla umphefumulo senze buthakathaka amandla okuphila. Ukuzisola ngesono kwesinye isikhathi kubhekela phansi umthetho sisekelo nokungalingani kwengqondo.” 2

Ukuncenga okuphikelelayo kukagogo ozinikeleyo ngokukhanya kwathinta umthambo wempendulo enhliziyweni yalowo osemusha. Ngokushesha, okwethusa wonke umuntu, ukuchazwa kwesiguli okufihliwe ngokusobala kokuziphatha okubi kakhulu ayekunikele empilweni yakhe ebikade iphambene noNkulunkulu. Ngomphumela wokuziphatha okunjalo ebusheni bakhe, wazizwa sengathi ungaphansi kokuhlupheka ngenxa yesiqalekiso esikhulu

ekugcineni sabonakala ekuguleni komzimba. Isikhathi eside, wayenethemba lokupholiswa imithi, kodwa isimo sakhe sabanzima kakhulu.

Manje lona wesifazane osemusha wezwa isidingo sokubhekana neqiniso ngobubi okukade kuhlupha umphefumulo wakhe-evuma isidingo sakhe esikhulu kuKristu, uMsindisi kuphela wezoni. Ngalomzuzu, labo abezwa imbali yakhe esabekayo ngokushiseka bakhuleka ngenxa yakhe.

Kukhona isifundo okumele sikhothozwe kulamava.

“Udokotela udinga okukhulu kunokuhlakanipha komuntu namandla ukuze angakwazi ukusiza uhlobo oluningi lokudideka kwezifo zabantu ngokwengqondo nenhliziyo leyo abizelwe ukubhekana nayo. Uma engenalwazi lwamandla omusa ongcwele angeke asiza lowo ohluphekile, kodwa angakhulisa ubunzima; kodwa uma ebambelele ngokuqinile kuNkulunkulu uzobanakho ukusiza ogulayo, ingqondo ethikamezekile. Uzokwazi ukuqondisa izigulane zakhe kuKristu abafundise ukuthi bayise konke ukunaka kwabo nokudideka kulowo Mthwali wemiThwalo omkhulu.

“Kukhona ukuxhumana okumisiwe okungcwele phakathi kwesono nokugula. Akukho dokotela ongasebenza inyanga yonke ngaphandle kokubona lomfanekiso. Angawudelela lomcijo; ingqondo yakhe ingagcwaliswa izindaba eziningi ezenza ukunaka kwakhe kungabizelwa kukho; kodwa uma engaqaphela futhi athembeke noma angeke avume ukuthi isono nokugula kuthwele ubudlelwano bembangela nomphumela. Udokotela kufanele asheshe akubone lokhu futhi asebenze ngokufanele. Uma ethola ithemba lalowo ohluphekile ngokumkhulula ekuhluphekeni ambuyisele emuva emkhawulweni wethuna, angabafundisa ukuthi ukugula ngumphumela wesono nokuthi siyisitha esiwileyo esifuna ukubahehela kwizenzo zempilo nokubulala umphefumulo. Angacindezela ezingqondweni zabo ukubaluleka kokudela umina nokulalela imithetho yokuphila nezempilo. Ezingqondweni zabasha angafaka izimiso ezilungile. UNkulunkulu uyazithanda izidalwa Zakhe ngothando olumnene nolunamandla. Nguyena omisile izimiso zemvelo, kodwa imithetho yakhe ayihluleli ngamandla. Sonke isisho esithi ‘Ungabi,’ ngokomzimba noma umthetho wokuziphatha, uqukethe noma umemezela isithembiso.” 3

Emva kokuba lona wesifazane osemusha esibhedlela evuma izono zakhe kuNkulunkulu, wawubona ukuthula okujulile ebusweni bakhe. Sasibona ukuthi lokuthula akuveli ngaphakathi kwakhe. Kuza ngokuthula kwasezulwini okutholakala kuphela kuJesu Kristu.

Yebo, emva kwesikhathi, lapho izimpawu ezinzima esimeni somzimba ziqala ukunyamalala, yena wayesethi: “Manje ngidinga ukuphumula. Ngiyacela, ngidinga ukuphumula. Ngidinga ukuphumula.” Wabheka konke ukuhlupheka akubekezelele kalula njengomphumela wempilo yakhe yohlubuko, manje wayesebona ubuhle nokuhlakanipha okungapheli kukaSomandla lowo ukunaka okunothando manje anakho. Akuzange kube yisikhathi eside washona-ngokuthula, futhi ngomusa Wakhe omnene.

Icebo likaKristu ngenxa yokuphelela

UKristu ufisa ukunikeza ithemba kulowo ohluphekile abonise ukuthi ukukholwa Kuye kuletha ukuphiliswa nokubuyiselwa komphefumulo nomzimba.

Emhlabeni wonke, izigidi zabantu zidinga ukusizwa, ezintweni ezincane kakhulu nakulezo ezinkulu. Iyini inkinga enkulu ngempela? Umhlabeleli uvuma kuNkulunkulu ubukhulu besimoya: “Akukho ukuphila enyameni yami ngenxa yentukuthelo yakho; akukho ukuthula emathanjeni ami ngenxa yesono-sami” (Amahubo 38:3).

Abaningi bayazi ukuthi kubalulekile ukulandele indlela yokudla kwempilo okusekelwe phezu kwezithelo, imifino, namanzi ahlanzekile, ukuzilolonga, ukuphumula, ukuhlala elangeni, nokuphefumula umoya omningi ohlanzekile, nokunye. Kodwa okubaluleke kunakho konke impilo yengqondo neyesimoya, sonke kaningi esinokuyilibala.

Baningi abalandela indlela yokudla okunezivimbelo, ngokwenkolo bakhetha ukudla kwabo futhi bengezele nokunye okunikeza amandla. Abanye bavuke ekuseni ngamandla-abaningi ngisho nangaphambi kokuba balale-balolonga imzimba. Noma kunjalo bazondla ngokuzigabisa, ubuze, inkanuko, ukungakhathali, futhi beyisa abanye, benganaki ukulolonga komzimba okulungile emhlabeni (umsebenzi wokuhambisa ivangeli-ivangeli ngezinyawo zethu emhlabathini-ukuhamba, ukuhamba ngokushesha, ukugijima uthwele ivangeli.)

Futhi kusekhona labo abakhathazekayo uma beyolala ngesikhathi ukuba banakekele imizimba yabo, nenhlala-kahle yokunethezeka kwabo, lokho, noma kunjalo, kulungile futhi akunalo iphutha. Kodwa, phakathi komsebenzi wabo, ukuhweba kwabo, imfundo yabo, konke ukusebenza kwenhlakanipho kukhuthazwa kakhulu umina, isifiso sokuvelela ukuzuza okunobugovu nokuzijabulisa kulomhlaba odlulayo. Abathandi ukwenza ukuzidela okufanayo uma kuza emsebenzini wokuhambisa ivangeli, ukusiza abakhubazekile, abagulayo, labo abezwe ubuhlungu ngenxa yokufa noma abavelelwe inhlekelele. Ngemikhuba enjalo, izindaba ezingenakubuyiselwa emuva, kaningi ziyabuza-kubuzwa izinto zesikhathi eside noma ezesikhashana-ubuhlungu, kanye nomzimba, ingqondo, kanye nokugula kwesimoya kungokwabo.

Umthombo waangempela wempilo yomzimba, ingqondo, nempilo yesimoya nguNkulunkulu, uBaba onothando, noJesu iNyanga enkulu. Ukuxhumana kwengqondo yomuntu nengqondo kaKristu kuletha amandla engqondweni, umphefumulo, imizwa, izitho ezibalulekile, kunikeze ukuqina emzimbeni wonke-kanjalo kuvikele izifo kwelaphe imizimba egulayo.

Ukukhipha ukubaba kobuhlungu benhliziyo

Njengomthengisi wezincwadi, ngamenywa ukuba ngikhulume kwisikhungo sokushicilela sebhange lesizwe esikhulu. Ngababonisa izincwadi zethu, kanye nencwadi, *Steps to Christ*. Ekugcineni kwenkulumo yami, umphathi walelogatsha wangibizela ehovisini lakhe wangethula kwinsizwa eseyintsha encane ngomzimba ngenxa yesifo sokuswela igazi inezinwele ezinde, ubuso bukhubazekile, kanye nesimila edolweni-ixhugayo ihamba-ihamba ngokungahlaliseki. Yayihlupheka ngobuhlungu obusesifubeni kanye obusemqolo.

Ngabuza ukuthi kungani lensizwa ikulesimo, wathi kungoba ubehlala nobaba wakhe nomama Kanye nabafowabo abathathu abancane kuye. Lapho ubaba wakhe esegula kakhulu ekugcine wafa, omunye wabangani bakababa wakhe wakhokhela iziphathimandla wakhuluma amanga ehlanekezela amaphepha endlu lapho kukhona ikhaya lakubo edolobheni, etshela inkantolo ukuthi lowomuzi ungowakhe. Inkantolo yamvumela ngalokho baxoshelwa esitaladini bonke.

Ngeshwa lomndeni kwakungekho lapho ungaya khona, ngisho nomndeni wakubo awuzange uthande ukwazi ngabo ukuya phambili. Ekugcineni, kweza omunye umuntu bengamlindele wabatholela indawo yokuhlala endala eduze nemakethe, lapho baqala ukuphila impilo yokuswela.

Lamava adikibalisayo avusa umuzwa wokucunuka nentukuthelo kulensizwa esentsha. Abafowabo abathathu kwakufanele baphume esikolweni ngenxa yokuswela imali; umama wakhe wagula ngokwengqondo, ukugula ngokwemizwa, nokulahlekelwa ngamehlo-ngenxa

yokwethuka, omunye umfowabo unesifo sokuwa. Manje, noma lensizwa, nayo, igula, yiyo kuphela ekwaziyo ukunikeza usizo noma olunjani. Ngempilo yakhe ebuthakathaka, naye kwakufanele aphume eyunivesithi futhi akukho khampani engamqasha.

Ngakho-ke umphathi webhange, indoda enozwelo nenhliziyo enhle, wabiza lensizwa ukuba isebenze nayo kwisigaba akuso-ukuba alungise amaphepha kanye namabhokisi futhi anakekele okufanele kulahlwe. Ekupheleni kwenyanga, njalo uma umphathi ethola iholo lakhe, unikeza lensizwa inxenye yeholo lakhe. Lensizwa yathi ilindele ukuba ihlinzwe edolweni, hleze banqamule umlenze wakhe wonke, kodwa lolosuku angeke lufike, ngenxa yokuswela izinsiza. Yingakho ngamemela lensizwa kuJesu Kristu, iNkosi eyelapha umphefumulo. Wajabula uma ethola incwadi ukuba ayifunde. Emva kweviki, ngamtshela ngoJesu othethelelayo, ngamehlo agcwele izinyembezi, wakwamukela kahle. Ngamtshela nokuthi kufanele athethelele lendoda ethe yafaka umndeni wakhe ehlazweni.

“Ngingathethelela kanjani umuntu ongilethele ukuhlupheka okungaka, kumama wami nabafowethu-na?” ebuza. Ngamncenga ukuba avumele uNkulunkulu asebenze enhliziyweni yakhe futhi ashiye lempi ezandleni zeNkosi.

Emva kwesikhathi, wagcina evuma ukuba ayithethelele lendoda. Ngabuyela ekhaya ngatshela unkosikazi wami, obefunda ezokwelapha ngaleso sikhathi. Wathatha ibhakede, walungisa ubumba weza nalo, weza namanye amasaka anobumba olomile wathatha ikhabishi ne-anyanisi. Sahamba nakho konke lokhu ekhaya lalensizwa. Unkosikazi waqala ukubeka ubumba edolweni lalensizwa wamnika izeluleko ezivela kuMoya wesiProfetho maqondana nokuzithiba ekudleni okulimazayo nokudla kakhulu ukudla okuluhlaza okuvela ezitshalweni. Ngaleso sikhathi, sasinikeza amakhambi kubafowabo nomama wakhe.

Yebo, iNkosi isebenzisa amakhambi okwelapha kwemvelo, kodwa umcijo osemqoka kulohlelo lokubuyisela ukuba siqaphele futhi okulandelayo:

“Esinye sezono ezivamile, futhi leso esamukelwa futhi esinomphumela olimaza kakhulu, ukuzitika ngomoya wokungathetheleli. Bangakhi abathokozela ubutha nokuziphindisela bese bekhuleka kuNkulunkulu bacele ukuba abathethelele njengoba bethethelela abanye. Ngempela abanawo umcabango weqiniso okushiwo yilomkhuleko noma mabangalinge bawusho lomkhuleko ngezindebe zabo. Ngoba seyame phezu komusa wentethelelo kaNkulunkulu imihla ngemihla ihora ngehora; singathokozela kanjani ubuhlungu benhliziyo nenzondo kubangane bethu abayizoni!” 4

Ilungelo elikhulu emhlabeni

Singabantu abanelungelo elikhulu emlandweni walomhlaba. Siphila esikhathini sokukhanya okukhulu okungcwele ngeBhayibheli kanye noMoya Ongcwele. Sithokozela ilungelo elingafani ngokuvuzwa ngezimfundiso eziqukethe uMoya wesiProfetho. Kuwo, iNkosi ichaza ngokusobala ukuthi kufanele sidle kanjani, sigqoke kanjani, sikhulume kanjani, nokuthi siphathe kanjani amabhizinisi ethu. Uqukethe usizo kwezenhliziyo nesimoya. Kufanele sibe yizisebenzi ezinamandla ukuba sembule lezimfundiso kumuntu wonke, sikhuze ukusetshenziswa kokudla okuphucuzekile, nokukhishwe umsoco, sigweme izinto eziqalwa phansi zomhlaba nezibizo zesayensi ezingahambisani neZwi likaNkulunkulu kanye noMoya wesiProfetho. Kufanele sifune ubudlelwane obujulile noNkulunkulu, isiqiniseko ngempela sokuphila kahle komzimba kanye nokuphila kwenhliziyo.

Umthombo weqiniso wokuphulukisa

“UMsindisi ezimangalisweni Zakhe wembula amandla ahlala esemsebenzini ngenxa yomuntu, ukumqinisa nokumelapha. Ngenxa yosizo lwezemvelo, uNkulunkulu uyasebenza, imihla ngemihla, ihora ngehora, umzuzu ngomzuzu, ukusigcina siphila, ukwakha nokubuyisela. Uma ilungu lomzimba lithola ukulimala, uhlelo lokwelapha luyaqala; usizo lwezemvelo lulethwa emsebenzini ukubuyisela ukuphila. Kodwa amandla asebenza ukwelapha ngamandla kaNkulunkulu. Wonke amandla anikeza ukuphila avela Kuye. Uma omunye elashwa ekuguleni kwakhe, nguNkulunkulu ombuyisela ukuphila.

“Ukugula, ukuhlupheka, ukufa ngumsebenzi wamandla omubi. USathane ungumbhubhisi; uNkulunkulu ungumelaphi.

“Amazwi akhulunywa kuIsrayeli aqinisile namuhla kulabo ababuyiselwa impilo yomzimba nempilo yomphefumulo. ‘Ngokuba nginguJehova okuphilisayo.’ Eksodusi 15:26.

“Isifiso sikaNkulunkulu kwisidalwa ngasinye somuntu sigcizelelwa kumazwi athi, ‘Sithandwa, kunakho konke ngikufisela ukuba ubenenhlanhla nokuphila, njengokuba umphefumulo wakho unenhlanhla.’ 3 Johane 2.

“Yena othethelela zonke izifo zakho, owelapha zonke izifo zakho; okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni, okuqhelisa ngomusa nangobubele.’ Amahubo 103:3, 4.” 5

Kulezimbali nemisho, sibona iqiniso elisobala: Ukwelapha kwesiMoya kungenza umehluko omkhulu ukuthuthukisa ukwelashwa komzimba. Ukukholwa nokuphenduka kunamandla okuqinisa umzimba ngendlela ekhethekile. Owesifazane owathinta umphetho wengubo kaJesu waphiliswa ngenxa yokukholwa kwakhe, okubonisa ukuthi kumele size Kuye, nathi. Njengoba sembula ukugula-ngenxa yesono, izinhliziyo ezidabukile ukuba sithole umusa Wakhe, sibanamva empela okuthi “Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi” (1 Johane 1:9). “Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga, ngenxa yegama Lakhe” (Amahubo 23:3).

Kuyini okungahle kukubuyisele emuva ekuthokozeleni ukuthula okukhulu uNkulunkulu akunikezayo-na? Ingabe uke wahlola inhliziyo yakho ukubona ukuthi kungabakhona yini isono ongasiboni noma umthwalo owuthwele-na? Noma ukuzigabisa kuyakuvimbela ekutholeni amava ngokuphelele komusa Wakhe. Cabanga ngalokhu: kuyini okumele sikushiye ukuze senziwe abaphelele-na? Yimuphi umshikashika okuvimbelayo ukuthola ukuthula-na? UNkulunkulu ubona konke, nomusa wakhe olaphayo ungazuzwa yibo bonke nalowo osondela Kuye ngokuzithoba.

Phendukela kuKristu, lowo owelapha kokubili umphefumulo nomzimba. Vuma izono zakho, ushiya izinto ezivimbela ukwelashwa kwakho, uthembele emandleni Akhe angenamkhawulo, uzothola ukuthula nokupholiswa ngokuphelele. Uthembisile, “Ngokuba nginguJehova okuphilisayo” (Eksodusi 15:26), futhi izwi Lakhe alihluleki. Funa ukwelashwa komphefumulo kuqala Ngaye owathathela Kuye ubuhlungu bethu nokuhlupheka, futhi konke okunye kuzowela endaweni yakho ngokuya ngentando Yakhe. Amen!

Okuphathelene

1. *The Ministry of Healing,* pp. 59, 60.
2. *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 443, 444. [Ngokwengeziwe.]
3. Ibid., p. 444.
4. Ibid., p. 170.
5. *The Ministry of Healing,* pp. 112, 113.

ISabatha, Zibandlela 13, 2025

UZALELWE UKUKHULISWA NOKUKHONZA

NGU CRISTIAN PAULESCU – ROMANIA

Kungani iminyaka eyikhulu?

"Ibandla likaNkulunkulu likhethelwe ukuba isithunywa sensindiso yabantu. Lahlelelwa umsebenzi, futhi umsebenzi walo ukuhambisa ivangeli emhlabeni. Kusukela ekuqaleni kulokhu kuyicebo likaNkulunkulu ukuthi ibandla Lakhe libonakalise emhlabeni ukugcwala Kwakhe nokwenelisa Kwakhe. Amalunga ebandla, labo athe wababiza ukuba baphume ebumnyameni bangene ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo, kufanele babonise inkazimulo Yakhe" 1

Njengefa lokugcina ngaphambi kokwenyuka Kwakhe, iNkosi Yethu uJesu Kristu wanikeza uthumo olukhulu kubantu Bakhe. Ngaleso simemezelo esikhulu, ibandla lamiswa kulomhlaba wesono ukusebenzela ukuphenduka kwemiphefumulo. Ibandla lithunyiwe ukuhambisa ivangeli eliphakade kwizidalwa zonke. Isikhathi, amathalenta, nezinsiza zinikeziwe-bonke ngalenhloso njengomgomo wabo ophakeme.

Ngokubheka isimo esonakele kakhulu somhlaba wethu, njengebandla likaKristu, kufanele sizibuze ngempela ukuthi: "Ingabe zikhona yini izinto eziningi thina okufanele sizenzele uKristu-na? Asinakho yini ukuziphendulela okukhulu esingakunaki ngenye indlela-na? Asenzanga yini isivumelwano noJesu esingakasiphelelisi ohlangothini lwethu-na?

Sisithela ngaphansi kokuzithethelela, kodwa inking akubona ubukomanisi, noma ubuRoma, noma Inkululko, noma Okwanamuhla. Inkinga ukuthi singamaKristu alele! Ingabe lokhu engikwenzayo kuzongisiza ingunaphakade? Ingabe kukhulisa umsebenzi kaKristu-na? Uma kungenjalo, noma kuyini esikhetha ukukwenza, **akusizi ngalutho.** Omunye uke waqaphela ukuthi uNkulunkulu akahlosanga ngebandla Lakhe ukuthi libande lapho kukhona ubumnene kufanele kube ngumshini wokuchamusela okumele uzale abaphendukile abasha.

Ikhaya, isikolo esikhulu sokuhambisa ivangeli

"Ikhaya elilodwa elihlelekile, eliqeqesheke kahle lisho okukhulu ngenxa yobuKrestu kunezintshumayelo zonke ezilethwayo. Umkhaya onjalo unikeza ubufakazi bokuthi abazali bathe baphumelela ekulandeleni izeluleko zikaNkulunkulu, nokuthi **abantwana babo bazokhonza Yena ebandleni**. Umfutho wabo uyakhula; ngoba njengoba babelana, bathola okunye futhi ukuba babelane ngakho. **Ubaba nomama bathola usizi kubantwana babo, abanikeza abanye izeluleko abazithola ekhaya. Omakhelwane abahlala eduze kwabo bayasizakala, ngoba ngazo bayanotha okwesikhashana nangesikhathi saphakade**." 2

"[UNkulunkulu] ufisa ukubona kuphuma emakhayeni abantu bethu ixuku elikhulu labasha labo, ngenxa yomfutho **wokwesaba uNkulunkulu emakhayeni abo**, banikele izinhliziyo zabo Kuye, baqhubekela phambili ukunikeza inkonzo enkulu ekuphileni kwabo." 3

Ukuziphendulela kwabazali

Umpostoli uPawule uthi, “Anginayo intokozo enkulu kunaleyo yokuba ngizwe ukuthi abantwana bami bahamba eqinisweni” (3 Johane 1:4)

UNkulunkulu usibusisile ngabantwana abancane. Kungani asinike bona-na? Ukuba bakhuliselwe Yena. Kuyini ukuziphendulela kwethu-na? IBhayibheli lisitshela ukuthi: “Khulisa umntwana ngendlela eyakuba ngeyakhe; kuyakuthi lapho esekhulile, angasuki kuyo” (Izaga 22:6).

“Ukuphatha nokululeka abantwana ngumsebenzi wokuvangela ozothile lowo noma yimuphi owesilisa noma owesifazane ongazithathela wona….

“Sidinga ukuba sishisekele ukuhambisa ivangeli emakhayeni ethu, ukuba silethe iZwi lokuphila phambi kwamalunga omkhaya nokubaholela ukuba bafune ikhaya embusweni kaNkulunkulu.” 4

Kuyinto enhle uma abazali beletha abantwana babo ukuba babusiswe futhi banikelwe kuNkulunkulu, kodwa lokho akwanele. Inyathelo elilandelayo libalulekile ukuba uqhubeke ukuthola lesosibusiso-sokufundisa umntwana ngokugcizelela inhloso yokuba akhonze uKristu ukukhulisa umbuso Wakhe. Wonke umntwana ubizelwe ukuba yithulusi lokusindisa abanye. Kukhona izindlela ezimbili zokusebenzela abantwana bethu: “Abantwana bangafundiselwa inkonzo yesono noma inkonzo yokulunga.” 5

Funda ukusebenza

“Nikeza amanye amahora akho okuphumula kubantwana bakho; hlanganyela nabo emsebenzini wabo nasemidlalweni yabo, ukuze uzuze ithemba labo. Zijwayeze ubungani nabo.” 6

Ungabanakho ukunikeza ukuqondisa, futhi umzuzu ngamunye uzobe ukhuluma njengomsakazo, uthumela kancane kancane izeluleko. Kodwa endaweni yokunikeza umntwana wakho imfundiso, kufanele ubanike inhliziyo yakho. Fundisa umntwana wakho okuningi ngokukhuma kancane.

“Wonke umama kufanele abenesikhathi sokunikeza abantwana bakhe lokuthandekisa okuncane okubaluleke kakhulu ngesikhathi besebancane noma sebekhulile. Ngalendlela uma uzobe ehlanganisa izinhliziyo zabantwana nokujabula kuye. Uzoba yilokhu uNkulunkulu ayikho kithi.”7

Sibafundisa kanjani abantwana bethu ukuba basebenze-na? Ngokubanika uthando. Bazali abathandekayo, ubuhle bokuphila kuchaza ukuzinikela ngothando kubantwana bakho nomlingane wakho, nikeza okhulile isandla sokusiza, ukulalela ngokunaka ubuhlungu bokuwa komuntu, unikele isipho sobukhona bakho kunoma ngubani odinga usizo lwakho.

Isikhathi sanamuhla siphiwe thina ukuze sife kumina sibe namava okuvuka kukaKristu.

“Wafela bonke, ukuze abaphilayo bangabe besaziphilela bona, kepha baphilele yena owabafelayo, wabuye wavuka” (2 Korinte 5:15).

Kukhona ukhiye owodwa wokuqeqesheka nokuchuma. UJesu uyachaza: Ukuze uhlamvu lukakolweni luthele isithelo, kufanele lufe. **“Ngibethelwe noKristu: kodwa ukuphila engikuphilayo kalokhu enyameni, kepha uKristu uphila kimi”** (Galathi 2:20, ngokwengezwa). Uma uKristu ephila phakathi kwethu, uzoba yini umphumela-na? Siphila ukuphila Kwakhe. Kwakunjani ukuphila Kwakhe ngesikhathi elapha emhlabeni? Ukuphila Kwakhe konke bekuyimpilo yokusebenza, egcwele uthando.

Amandla esibonelo

"Konke enakufunda, nakwamukela, nakuzwa, **nakubona kimi, kwenzeni lokho"** Filiphu 4:9 (ukugcizelela kuyengezwa.)

"Lowo ozoba ngongcwele ezulwini kufanele aqale ukuba ngongcwele emndenini wakhe. Uma obaba nomama bangamaKrestu eqiniso emindenini yabo, bebezoba ngamalunga alusizo ebandleni akwaziyo ukuphatha izindaba ebandleni nasemphakathini ngendlela efanayo abaphatha ngayo amakhaya abo. **Bazali, inkolo yenu mayingabi inkolo yokuzisho, kodwa mayibe ngeyeqiniso….Ngaphandle kokuthi ubonise ukuthobeka, umusa, nokwamukela izihambi ekhaya lakho, inkolo yakho izobayize.** Uma bekukhona amakhaya amaningi anenkolo yangempela, bekuzoba namandla amakhulu ebandleni." 8

"Ikhaya lomKrestu libe yisifundo esinqabile, sifanekise ubuhle bezimiso zeqiniso zokuphila. Isifanekiso esinjalo sizoba amandla wokuhle emhlabeni….**Njengoba abasha bephuma ekhayeni elinjalo, izifundo abazithole ekhaya babelana ngazo**." 9

Sifuna ukuthi abantwana bethu babe yizibonelo ezifanelekile zokulingiswa, futhi lokhu kuhle. Kuyisifiso esithobekile, kodwa abayikho namuhla ngumphumela walokhu bebekuphila ngayizolo. Lokhu esikutshalile izolo, sizokuvuna namuhla. Kubalulekile ukuthi obaba babe ngabapristi bomuzi, ekhaya. Omama bayadingeka ukuba bakhulise abantwana babo babakhulisele uNkulunkulu. Abantwana kumele bathintwe amandla angcwele. Futhi izwi eligqamile akufanele kube "ikusasa," kodwa malibe "namuhla noma ungalisho."

Abukho ubuvila "ukuhlala ungenzi lutho"

"Abantwana mabafundiswe besebencane ukuba basize, bazisize ngokwabo, basize nabanye." 10

"Abazali mabafundise abantwana babo ukuthi ubuvila buyisono.

"Akukho okuholela kakhulu ngempela ebubini kunokususa wonke umthwalo ebantwaneni, ubashiye bengenzi lutho, bengenakuphila okuqondiwe, bangenzi lutho, noma bazigcine besebenza ngokuthanda kwabo." 11

"Awekho amavila emzini wabakholwayo. Lonke ilunga lomndeni linomsebenzi onikwe wona, abanye inxenye ensimini yeNkosi okumele basebenze kuyo." 12

"Yimaphi amandla endlela esifundisa ngayo abantwana bethu akhona phezu kwabo? Ingabe bazoba ngabakhwishizelayo noma bazobola bashabalale? Uma uzicabangela wena kuphela, uba ngumuntu ozidlayo, ozazisayo. Yiyo lendlela abantwana abazokhula ngayo, bazozitika ngalesosimo. Umphumela uzoba ukumbasha, isizukulwane esidangele, esingasebenzeli uNkulunkulu. UNkulunkulu nebandla Lakhe abadingi abazali nabantwana abagqiba amathalenta abo emhlabathini. Ibandla likaNkulunkulu lidinga izisebenzi ezikhuthele, hayi izibukeli.

Amalangabi omlilo

"Isibani noma sisincane kangakanani, uma sigcinwa sikhanya ngokuthulile, singaba yindlela yokukhanyisa ezinye izibani eziningi." 14

Ngokwemvelo yawo, umlilo ubeletha umlilo. Uma uzungezwe ezinye izinto ezivuthayo, uthatha ilangabi okhunini ukuqala umlilo. Kodwa ukususka kwisibani esisodwa, izinkulungwane ezilishumi ziyokhelwa ngokufanayo. UJohane uMbhapathizi wakhuluma ukuthi lowo oza kuye "uzakumbhapathiza ngoMoya nangomlilo." Lesi isidingo sethu esikhulu

osukwini lwethu-ibandla elibhapathizwe ngomlilo. Yilokhu uSathane nombuso wakhe abakwesabayo, ibandla elokhelwe ngomlilo wothando olungcwele. Ngubani ongamelana nalo? Ukuthanda uNkulunkulu kuzoba ngathi umshini odala amandla ogesi-uzokusunduza ukuba wenze izinto ezinkulu wenzela uNkulunkulu. Wena omusha nabazali abathandekayo manje yisikhathi sokuba ningawucimi uMoya nivimbele amandla kaNkulunkulu, kodwa ukuba nikhule ekukholweni!

"Wonke umfundi weqiniso uzalelwa umbuso kaNkulunkulu njengohambisa ivangeli. Lowo ophuza amanzi aphilayo uba ngumthombo wokuphila." 15

"UNkulunkulu uzohamba phezu kwabantu abasezikhundleni ezithobekile ukuba bamemezele isigijimi seqiniso lanamuhla. Abaningi abanjalo bazohamba ngokushesha ukuya phansi naphezulu, beqhutshwa nguMoya kaNkulunkulu ukunikeza ukukhanya kulabo abasebumnyameni. Iqiniso liba ngumlilo emathanjeni abo, libagcwalise ngesifiso esivuthayo sokukhanyisela labo abahlezi ebumnyameni. Abaningi, naphakathi kwalabo abangafundile, bazomemezela izwi leNkosi. Abantwana bazocindezelwa nguMoya Ongcwele ukuba baqhubekele phambili ukumemezela isigijimi sasezulwini. UMoya uzothululwa phezu kwalabo abazinikela ekuhambiseni izwi. Besuka kwizibopho eziyimiyalo yabantu nokuhamba ngokuqaphela, bazohlangana nebutho leNkosi." 16

Ngingakhulisa kanjani isipho leso esidingwa ngumhlaba kakhulu?

"Abasha badinga ukuba bafundiswe ukuthi ukuphila kusho umsebenzi ocophelelayo, wokuziphendulela, nokunakekela. Badinga uqeqesho oluzobenza basebenze-abesilisa nabesifazane abazomelana nokungalindelwe. Kumele bafundiswe uqeqesho olufanayo, umsebenzi ohanjiswa ngokomthetho obalulekile, kungesiso isiphephelo maqondana namalinganiso okuphila, kodwa njengosizo olusizungezile ukuze sikhule." 17

Kunesidingo:

1. **Ubusha obukhulu.** Omusha udinga ukufundiswa kahle ukuthi athande kanjani uKristu kakhulu kanye nombuso Wakhe, ukuthi bangazinikela kanjani ngenhliziyo yonke ekukhonzeni Yena. Nokuthi bangahlala belungela kanjani ukuzidela, nokuzinikela, noma yimuphi umsebenzi angababizela wona. Kuyadingeka ukuba sisebenze ngokufanele senzela uKristu yonke indawo-ekhaya noma sikude nasekhaya, kwixuku eliphezulu lomphakathi noma eliphansi. UKristu akazange amise ukuthi abasha baphile kwisimo sokuvama.
2. **Abasha abanomqondo othuthukile.** Ingabe amaKrestu asemasha anganeliseka kwisimo ezivamile emsebenzini wabo embusweni woMhlengi, kuyilapho abantu emhlabeni bezama ngamandla ukuphumelela ekwenzeni kwabo nasemisebenzini yabo-na? Qaphela indlela yokuphendukezela ukweyama kwakho kusizo oluNgcwele, ucabange ukuthi ukushiseka kwenhliziyo kuzobuyisela ukungabi nalwazi. Umyalo uthi: Wothanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo wonke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho"-futhi lokhu kusebenza ngesilinganiso esifanayo sokukhonza iNkosi nokuyithanda. Abasha bethu badinga ingqondo elingene nehluzekile.

3. **Intsha ezidelayo.** "Thokoza okwesikhashana" akuyona into ongayibamba, kodwa okuthize okumele ukunikele. "Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela

ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa….”UNkulunkulu wanikela ngoJesu njengeSipho, ukuze sibe ngabanikelayo. Manje ukudlula ngaphambili, kukhona isidingo sezinceku ezahlukaniselwe uKristu.

“Wonke umuntu omusha. Wonke umntwana, unomsebenzi okumele awenze ngenxa yodumo lukaNkulunkulu nokuphakamisa uluntu.

Ilungelo eliphakeme kakhulu

Abantu abasha abathandekayo, ningaba yizigqila zokuthanda izimpahla ezinhle noma intuthuko yokuba namakhono, isigqila sewashi lakho, i-phone, namanye amacebo, isigqila sokuthanda inhlala-kahle, isigqila sokungaqondi iphupho. Konke lokhu noma ezinye izindlela zokugqilazwa zisho impilo echithekile. Ukufana noKristu akusho ukukhwela isitebhisi sokuhlalisana; akusho ukukhathalele ukuba ngolawulayo, akusho ukuhlala ngokuthokomala, kodwa kunalokho, kusho ukuphana. Konke okubalulekile kakhulu kusekelwe ekupheni, futhi ukuphila impilo engenakho ukuphana kuyize. Ukupha kusho ukuthi unokwanele. Ingabe ugodla uKristu kuwe ukuba angaZinikeli? Uma ukwenza lokhu, angeke aphile ngaphakathi kwakho, kodwa endaweni yalokho uzohlala uyinceku yobugovu bakho.

Hleze angeke wenza izinto ezinkulu; angeke wabizwa ngokuti ungumqashi webandla. Awukho umsebenzi okuthiwa mncane kakhulu futhi awukho nomkhulu kakhulu. Abaningi bafuna ukuguqula umhlaba, kodwa kaningi akekho ofuna ukwenza umsebenzi omncane owenza umuntu ngamunye azizwe ethandwa. Isilinganiso ophana ngaso yisilinganiso owamukela ngaso.

“Akulona ilungelo lokuhlanganyela noJesu-na? Akuyona inhlonipho yokuhlanganyela emsebenzini omkhulu wokusindisa imiphefumulo, ukwenza inxenye yomsebenzi esashiyelwa wona nguMsindisi wethu? Akukho noyedwa ongaphana ngesibusiso kwabanye ngaphandle kokuba asizakala ngokwakhe. “Ophuzisayo uyakuphuziswa naye” (Izaga 11:25).’“ 19

“Ukukholwa kwethu ukuba lithele izithelo zemisebenzi emihle, ngoba ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kufile. Wonke umsebenzi owenziwe, wonke umnikelo owenziwe egameni likaJesu, uletha umvuzo omkhulu kakhulu. Kusenzo ngasinye sokusebenza, uNkulunkulu uyakhuluma futhi unikeza isibusiso Sakhe. Kodwa ufuna kithi ukuzinikela okuphelele kwamandla. Ingqondo nenhliziyo, umzimba wethu, kufanele unikelwe Kuye, noma sizosilela ukuba ngamaKrestu eqiniso.” 20

Umvuzo

“Kepha-nina yibani namandla, zingadangali izandla zenu: ngokuba umsebenzi wenu uyakuba nomvuzo wawo” (2 Izikronike 15:7).

Basha abathandekayo, bazali abathandekayo, philani imihla yonke kungathi nibhekene nokugula okungalapheki. Nikela namuhla lokhu okwamukela kuKristu. Umhlaba udinga kakhulu ukwembulwa kothando lukaNkulunkulu. Ngifisa ukuthi emva kweminyaka eyikhulu yokubakhona, kweRefom Movement ingazamazama ngaphansi kwamandla othando neqiniso likaKristu. Ngiyakhuleka ngokushiseka ukuthi leMovement ingabi ngesolekayo, kodwa ukuba ingaqubuka njenge-ntabamlilo, nomhlaba wonke uzungezwe uthando lukaNkulunkulu.

Ingabe, muntu omusha othandekayo, nani bazali abathandekayo, nizohlanganisani ngokushesha ukuthi leMovement ingagcwalisa umhlaba wonke ngenkazimulo kaNkulunkulu? Lokuzamazama kothando luzofinyelela kumaphethelo wonke womhlaba –futhi lizohlaba ingunaphakade liqhubekele phambili. Ukukhetha kungokwakho. Khetha ngokuhlakanipha. Khetha ukushisekela uKristu. Yiba ngukukhanya!

Okuphathelene

1. *The Acts of the Apostles*, p. 9.
2. *The Adventist Home,* p. 32 [Ukugcizelela kuyengezwa.]
3. *Counsel to Parents, Teachers, and Students,* p. 131. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
4. *Child Guidance,* p. 476.
5. *Counsel to Parents, Teachers, and Students,* p. 108.
6. *The Adventist Home,* p. 192.
7. Ibid., p. 197.
8. Ibid., pp. 317-319. 32 [Ukugcizelela kuyengezwa.]
9. Ibid., p. 31. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
10. Ibid., p. 283.
11. Ibid., p. 284.
12. *Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 454.
13. *The Adventist Home,* p. 287.
14. Ibid., p. 32.
15. *The Desire of Ages*, p. 195.
16. *Testimonies for the Church,* vol. 7, pp. 26, 27.
17. *Education*, p. 215
18. *The Adventist Home,* p. 280.
19. *Counsels on Health*, p. 508.
20. *Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 145.

NgeSonto, Zibandlela 14, 2025

UKWENZA ABAFUNDI

NGU OLGAORTIZ – COLOMBIA

Imfundo yeqiniso

Ekuqaleni, uNkulunkulu wamisa umkhaya njengesiqalo somphakathi-indawo yokwakha nokukhulisa isimilo, imikhuba, kanye namagugu. “Uhlelo lwemfundo olwasekelwa eEdeni bekuyindawo yangaphakathi yomndeni.” 1. Icebo elingcwele lamukelwa yisizwe soluntu emva kokuwa. Imfundo yeqiniso ingumsebenzi wokuhlenga nokubuyisela umuntu, ukukhulisa umzimba, ingqondo namandla esimoya ngokulandela isimilo sikaKristu. Akulinganiselwanga ekutholeni ulwazi, kodwa ukufuna ukulungisa umuntu ngamunye ukuphila ngokusebenza kulomhlaba kanye nokuphila okuphakade. Isisekelo sawo siseZwini likaNkulunkulu nokuhola kukaMoya Ongcwele. UKristu njengofanekisa uBaba, umxhumanisi phakathi kukaNkulunkulu nabantu, unguThishela omkhulu woluntu, futhi uhlela ukuthi abesilisa nabesifazane babe ngabafanekisa Yena. Umkhaya bewuyisikole, abazali bangothishela. Isimiso sasigcinwa ngokuthembeka ekuphileni kweNkosi uJesu emhlabeni.

Imfundo kaKristu

“UJesu waphila ekhayeni elimpofu, futhi ngokuthembeka nangenjabulo wenza eYakhe inxenye ukuthwala imithwalo yasekhaya. Ubeyisikhulu sasezulwini, nezingelosi zazithokozela ukuphelelisa izwi Lakhe; manje uyinceku ezinikelayo, indodana ethandekayo, nelalelayo. Wafunda ukuthengisa, futhi ngezandla Zakhe esebenza esitolo sombazi noJosefa. Ngesambatho esilula sesisebenzi esivamile wayehamba ezitaladini zemizi emincane, ehamba ebuyela emsebenzini Wakhe othobekile. Akazange asebenzise amandla Akhe angcwele ukunciphisa imithwalo yakhe noma enze ubelula umsebenzi Wakhe.” 2 Ikhaya Lakhe bekuyisikolo esikhulu, lapho uMariya noJosefa, beholwa izimiso ezingcwele, badlala indima enkulu yokumkhulisa waze wafinyelela ebudodeni. Imvelo yamasiko neyomndeni lapho akhulela khona, ezungezwe imvelo nendlela elula, waphinde wabumba isimilo Sakhe waqinisa ukuxhumana Kwakhe noNkulunkulu nezidingo zabantu.

“Ezinsukwini zikaKristu amaJuda ayenaka kakhulu imfundo yabantwana babo. Izikolo zabo zazihlanganiswe namasinagoge, noma izindawo zokukhonzela, futhi othishela babebizwa orabbi, amadoda okufanele ngabe babefunde kakhulu.

“UJesu akazange afunde kulezikolo, ngoba zazifundisa izinto eziningi ezingamanga. Esikhundleni seZwi likaNkulunkulu, izisho zabantu zazifundiswa, futhi kaningi zaziphambene nalezzo uNkulunkulu akufundisa ngabaprofethi Bakhe.

“UNkulunkulu uqobo ngoMoya Ongcwele watshela uMariya ukuthi angakhulisa kanjani iNdodana Yakhe. UMariya wafundisa uJesu okuvela iMibhalo Engcwele, futhi wafunda ukuzifundela ngoKwakhe.”

Umqondo oyiphutha

Ngokwahlukile kunemfundo uJesu ayithola ekhaya, izikolo zaworabbi esikhathini Sakhe zalahlekelwa umbono weqiniso wemfundo futhi zazigxile kumasiko, kanjalo endaweni yalokho okwenziwa ngokomthetho. Umphumela walemfundo engakhulisi umuntu ukuba axhumane noNkulunkulu noma akhulise isimilo esisekelwe kwizimiso ezingcwele zeqiniso. Ingabe lokhu akufani neqiniso lesikhathi esiphila kuso namuhla-na?

"Imibono yethu maqondana nemfundo mincane kakhulu futhi isezingeni eliphansi. Sikhona isidingo sohlelo olubanzi, inhloso ephakeme. Imfundo yeqiniso isho okukhulu kunokuphokophela indlela ethize yokufunda. Kusho okukhulu kunokulungiselela ukuphila okukhona manje. Kufanele kuhlanganyele umzimba wonke, ngesikhathi sonke sobukhona bomuntu uma kwenzeka. Ukukhala ngokuvumelana komzimba, ingqondo, namandla esimoya. Ilungisele umfundi injabulo yokusebenza kulomhlaba nenjabulo ephakeme yomsebenzi obanzi emhlabeni ozayo. ." 4 Ngeshwa, ezikolweni eziphakeme zalomhlaba, isimilo nobugugu kubalulekile ekuphileni komuntu nokulungiselela iZulu akunakwa. Ngokuqonda amaphutha esikhathi esidlule, singa thola futhi inhlso yangempela yemfundo engcwele.

Kusho ukuthini lokhu

Imfundo yeqiniso ivela kuNkulunkulu futhi inhloso yayo ingukubuyisela umfanekiso ongcwele kumuntu. Imfundo yeqiniso ayilinganiselwe inzuzo yolwazi lwezikolo eziphakeme, kodwa iqukatha isimoya, isimilo, nokwakha ilingaphakathi lomzimba womuntu. Ngakho-ke ngumsebenzi ongcwele nozothile. Emibhalweni engcwele sibona indlela uNkulunkulu agcizelela ngayo kubazali mayelana nemfundo yabantwana babo. Eqondisa kuAbrahama, iNkosi ithi: "Ngokuba ngiyazi, uyakuyala abantwana bakhe nendlu yakhe emva kwakhe ukugcina indlela kaJehova nokusebenza ukulunga" (Genesis 18:19). Ngenxa yokusondelana kwakhe noNkulunkulu, uAbrahama wafundisa abantwana bakhe izindlela zikaJehova. Ukwenza lokhu kuqiniseke emakhayeni ethu nathi ngokufanayo kumele sikhulise imikhuba yokukhonza ngothando uMsindisi wemiphefumulo yethu, ukufundisa abantwana bethu ukuthi ngomkhuleko banoMhlobo ozolalela wonke amaphupho abo nosizi lwabo. Ukuthi ngokufunda iBhayibheli nsuku zonke bazoqonda imvelo kaNkulunkulu nokuthi Yena ngothando Lwakhe olunozwelo usiphatha kanjani. Kanjalo bazofunda ukuphatha abanye ngenhlonipho uthando nokubekezela. Bazofunda ukuba nesihawu nobumnene, njengoBaba osezulwini enesihawu nobumnene kwisizwe soluntu asidala ngesisa. Ukuqonda imfundo yeqiniso kusiholela ukuba sibone ukuthi umgomo wokugcina waloluhlelo ungukwakha isimilo, ngoba yiyona ngcebo kuphela esizohamba nayo ukuya eZulwini.

Umphumela wezinqumo ezingalungile

Ukwakhiwa kwesimilo uhlelo oluvamile noluqhubekela phambili lokuphila; isimilo yiyona ingcebo esizohamba nayo eZulwini futhi lokhu kwakhiwa emakhaya. "Isimiso esakhiwa ngokufana okungcwele yiyona ngcebo esingayithatha kulomhlaba ukuya nayo emhlabeni ozayo. Labo abangaphansi kwesiluleko sikaKristu kulomhlaba bazothatha yonke inzuzo engcwele bangene nayo ezigodlweni zezulu. Futhi ezulwini sizolokhu siqhubekela phambili ukuzithuthukisa. Kwakubaluleke kanjani, ngaphambili, ukukhulisa isimilo kulokhu kuphila." 5 Umsebenzi ongcwele wabazali wokufundisa nokuqondisa abantwana babo ukwesaba nokulalela uNkulunkulu ukuthi ngosizo loMoya Ongcwele bangakhulise isimilo esifana nesika-Baba wethu oseZulwini. INkosi ithi, "Lawamazwi engikuyala ngawo namuhla ayakuba-

senhliziyweni yakho, ubafundise impela wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka" (Duteronomi 6:6, 7).

Uma abazali benganaki imfundo yokuqondisa okunikwe nguNkulunkulu nezibopho ezizothile zibekelwa eceleni, abantwana babo bafundiswa isitha semiphefumulo. Indaba kaEli umpristi kufanele idonse ukunaka kwethu. KuSamuweli 1 isahluko 2:12 sitshelwa ukuthi: "Amadodana kaEli ayengabantu ababi, ayengamazi uNkulunkulu." Abantwana badinga ukunakekelwa nokululekwa ukudlula isikhathi esiphambili, ngoba uSathane ulwela ukulawula izingqondo zabo nezinhliziyo futhi akhiphele ngaphandle uMoya kaNkulunkulu.

"Isimo esisabekayo sabasha namuhla sisekela izimpawu ezinamandla zokuthi siphila ezinsukwini zokugcina, kodwa umonakalo wabaningi ungafunwa futhi ngokuqondile utholakal kwimpatho ephambukile yabazali. Umoya wokukhononda uma besolwa uthe wajula futhi wathela izithelo zokungathobeli abantu abadala. Lapho abazali bengathokoziswa izimilo abantwana babo abazikhulisayo, bayehluleka ukubona amaphutha abenze babe yilokhu abayikho.

Abazali kufanele baqonde ukuthi imfundo yobuKrestu akufanele iqondiswe kulabo abahlakaniphile kuphela, kodwa ekukhuliseni isimilo, ukwakhiwa kokuziphatha, nokubalungiselela ukuphila okuphakade. Angeke bakwazi kahle ukuphelelisa ukuziphendulela kwabo ngaphandle kokuthi bamukele iZwi likaNkulunkulu njengombusi wokuphila kwabo. Kufanele baqonde ukuthi kumele bafundise futhi babumbe isimilo sengcebo yonke yomuntu eyigugu esinikelwe unakekelo lwabo, ekugcineni babone izimiso zemfundo yeqiniso nokubaluleka kokukhulisa isimilo njengohlelo lokuqondisa izinto ezinguphakade. Osukwini lwethu, kumele siqaphele ubungane abantwana bethu ababakhayo. Abalingana nabo ababakhethayo njengabangane abazobasiza ukuba babonise umfanekiso kaBaba wabo oseZulwini noma umfutho wabo uzobonisa inkosana yalomhlaba? Ingabe lokhu okuqukethwe izindaba abakubonayo kuyangcwelisa noma noma kuzokwehlisa ubugugu babo futhi konakalise imikhuba yabo yesimoya? Kubaholele endleleni encane, isibonelo semikhaya sizobaluleka kakhulu.

Isibonelo somkhaya

Imfundo yobuKrestu iqala esikhathini sobuncane ngesibonelo sothishela babo bokuqala, abazali. Yingakho sinxuswa ukuthi amakhaya ethu kumele abeyizulu elincane, ukuze abantwana bafunde ngesibonelo sabazali babo. Kwabase-Galathiya 5:22, 23 izithelo zesimoya zichazwa njengothando, ukujabula, ukuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka, nobumnene, nokuzithiba-lezimpawu zakha isimilo esiqinile somKrestu. INkosi uSolomoni iyasikhumbuza, "Khulisa umntwana ngendlela eyakuba ngeyakhe; kuyakuthi lapho esekhulile, angasuki kuyo" (Izaga 22:6). Umpostoli uPawule naye uyasincenga ukuba yenziwe kabusha ingqondo nesimilo ngokuya ngentando kaNkulunkulu (Roma 12:2). KuMathewu 5:48 uJesu ngoKwakhe uyasibiza ukuthi siphelele njengoYihlo osezulwini ephelele, okusho ukuthi ukukhula kancane ekufaneni noKristu. Ukukhuliswa kwesimilo uhlelo oluqhubekela phambili lwenguquko edinga ukungenelela koMoya Ongcwele nokuzinikela komuntu ngamunye. Inhloso yokuqala yemfundo yoMkrestu futhi ukuphila kusho ukukhuliswa kwesimilo. "Wonke umuntu, odalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, wembathiswe amandla afana noMdali wakhe-umuntu ngamunye, labo abangababaholi kwezamabhizinisi, futhi abanesimilo esinomfutho. Ngumsebenzi wemfundo yeqiniso ukukhulisa lamandla, ukufundisa abasha ukuba babe ngabantu abacabangayo, bangabi ngabafanekisa imicabango yabanye abantu. Endaweni yokuminyanisa ukufunda lokhu okushiwo ngabantu noma abakubhalile, vumela abafundi

baqondise imisuka yeqiniso, kumasimu abanzi avulelwe ukuhlolwa kwemvelo nesambulo. Vumela ukuba bazindle imicijo emikhulu yomsebenzi nesiphelo, ingqondo izokhula futhi ibenamandla. Endaweni yemfundo ebuthakathaka, izikolo zemfundo zingathumela phambili abantu abanamandla okucabanga nokwenza, abantu abangongqongqoshe kungesizo izigqila zezimeko, abantu abanomqondo obanzi, ukukhanya komqondo, nethemba lokulahlwa yicala.

"Imfundo enjalo isinikeza okukhulu kunemfundo yengqondo; isinikeza okukhulu kunemfundo yomzimba. Iqinisa isimilo, ukuze iqiniso nobuqotho kunganikelwa kwizifiso zikamina noma izifiso zokulangazela izinto ezinkulu. Iqinisa ingqondo ukumelana nobubi. Endaweni yenkanuko yobukhulu nokuba namandla okubhubhisa, konke okuqondiwe nesifiso kuzolethwa ekuvumelaneni nezimiso ezinkulu zobuhle. Njengoba ukuphelela kwesimilo Sakhe kugxiliswa phezu kwaso, ingqondo yenziwa busha, umphefumulo wakhiwa kabusha kumfanekiso kaNkulunkulu." 7

Abazali kufanele bakhulise indawo ephilile yabantwana babo ngokubagcina-babenze baqaphele-amandla emifutho engalungile nokuthi uhlobo lwalemfutho lungathandela isimilo ekugcineni ubasusele kude noNkulunkulu. "Izenzo, kaningi uma ziphinda-phindwa, zakha imikhuba, imikhuba yakha isimilo. Ngokubekezela yenza imisebenzi emincane yokuphila. Njengoba ubukela phansi ukubaluleka kokwethembeka ezintweni ezincane zokusebenza, ukwakhiwa kwesimilo sakho angeke kwaneliseka. Phambi kwalowo Onamandla-Onke, wonke umsebenzi ubalulekile. INkosi ithi, 'Othembekile kokuncinyane uthembekile nakokukhulu; ongalungile kokuncinyane kalungile nakokukhulu.' Ekuphileni koMkrestu weqiniso akukho okudelelekile." 8

1. **Ukuncika kuNkulunkulu:** Funa uNkulunkulu imihla yonke ngomkhuleko nangokuhlola iBhayibheli (Filiphu 4:13).

2. **Umyalo nokuzibamba:** Ukulawula imicabango, amazwi, nezenzo (Izaga 16:32.

3. **Ukusebenzela abanye:** Ukukhulisa isimilo esihle ngokuthanda nokusiza abanye (Mathewu 25:40).

4. **Imiyalo esekelwe kwizimiso ezingcwele kusukela ebuntwaneni:** (Izaga 22:6; 2 Thimothi 3:15).

5. **Ukuphikelela ekuguqukeni:** Ukukhulisa isimilo kunguhlelo oluqhubekele phambili luze lufinyelele lapho umphefumulo ubonakalisa isimilo sikaJesu ngokuphelele (2 Korinte 3:18; *Early Writings,* p. 71).

Ukufunda ngokwenza

Uthishela wabantwana ufakaza ngalokhu iNkosi ekumisile kwicebo elingcwele lwemfundo. Abantwana bafunda kangcono uma behlanganisa ulwazi lomfutho olubazungezile ngokuwusebenzisa imihla yonke yokuphila kwabo. "**Kusukela ebuntwaneni kufanele bafunde ukusiza noma umsebenzi wezandla leyo eyenza kubelula ukukhulisa**

amakhono azoba yisisekelo sokugcina izimpawu ezifana nokuziphendulela, uqeqesho, ukuqinisela, ukubekezela." Ukwengeza lapho, iyabavumela ukuba baguqule imfundo yokuba namava anomqondo onothisayo obasiza ukuba bangaphumeleli ekuhlolweni kwabo kuphela, kodwa ukubhekana nokuphila ngempumelelo egcwele izinselelo. Konke lokhu kufanele kusekelwe kwiMibhalo Engcwele.

Imfundo yeBhayibheli

Kusukela ekuqaleni, uNkulunkulu wamisa imfundo njengohlelo oludingekayo. Ku Genesis 1:27 siyatshelwa ukuthi umuntu wadalwa ngofuzo nangomfanekiso kaNkulunkulu. Lokhu kusho ukuthi ulwazi olungcwele kufanele lube yisisekelo semfundiso yonke. Izaga 9:10 uthi: "Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova: nokumazi Ongcwele kungukuqonda," kugcizelela ukuthi imfundo yeqiniso iqala njengesisekelo esiqinile sesimoya okumele sivumelane nesisekelo sesimiso: Umsebenzi wemfundo nomsebenzi wokuhlenga yinto eyodwa," 9 zigcizelela ukuthi imfundiso kufanele isiholele ekuguqukeni kwesimoya.

1. **UKrestu-ungumyombo:** UNkulunkulu kufanele abengunyombo wezimfundiso zonke (Kolose 2:3).
2. **Okuhlanganisayo:** Kufanele kuzungeze umzimba, ukukhuliswa kwengqondo nesimoya (Luka 2:52).
3. **Okusebenzayo futhi kuyasebenza:** Kungabi ngomcabango kuphela, kodwa kuqondiswe ekuphileni kwemihla ngemihla nomsebenzi kwabanye (Mathewu 25:40).
4. **Ukwakheka kwesimilo.** Imfundo kufanele ibumbe isimilo esibonakalisa umfanekiso kaKristu. "Ukungazicabangeli kwengamela konke ukukhula kweqiniso. Ngomsebenzi wokungazicabangeli sizuza ukukhula okuphakeme kwamandla onke. Kancane kancane ngokuphelele siba ngabahlanganyeli bemvelo yobungcwele. Silungela izulu, ngoba samukela izulu ezinhliziyweni zethu." 10
5. **Ukuqondisa ethembeni nasekuhlengeni:** Lokuqondisa kufanele kulungiselele abantu ukuphila kwanamuhla nokwaphakade. "Umsebenzi wokuphila esikezwe wona owokuba silungiselele ukuphila okuphakade, futhi siphelelelisa lomsebenzi njengoba uNkulunkulu awuhlelile ukuba siwenze, isilingo ngasinye sizosebenzela intuthuko yethu; ngoba uma simelana nesiyengo salo, siyathuthuka ukuya ekuphileni okungcwele. Phakathi kwempi evuthayo, lapho sihlanganyela ngobuqotho empini yesimoya, izithunywa ezingabonwa zisohlangothini lwethu, zithunyelwe yizulu ukusisiza kumshikashika wethu, futhi engozini, amandla nokuqina nokucophelela anikezwa thina, futhi sinokuningi kunamandla omuntu." 11

   Imfundo yobuKrestu ayilinganiselwanga ekhaya noma esikolweni, kodwa ingenisa ibandla njengensika eyisisekelo sokukhulisa isimoya. Ngebandla, abasha bathola iseluleko, ukusekelwa nezibonelo zokukholwa ezizobasiza ukukhulisa ubudlelwano babo noNkulunkulu futhi baqiniselwe isikhathi esizayo.

Ngezikhathi zokugcina

“Abavela kuwe bayakwakha izincithakalo ezindala: ubuye wakhe izisekelo zezzukulwane ezidlulileyo; ubizwe ngokuthi uMvalisikhala noMlungisi wemikhondo ukuba kuhlalwe khona” (Isaya 58:12). Lobizo olunesizotha luhlanganisa imfundiso.

“USathane uthe wasebenzisa indlela ehlakaniphile yokuthandela amacebo akhe nezimiso kuhlelo lwezemfundo, kanjalo uthola ukubambelela ngamandla ezingqondweni zabantwana nabasha. Ngumsebenzi kathishela weqiniso ukuvimbela amacebo akhe. Singaphansi kwesivulelwano esizothile, esingcwele kuNkulunkulu ukukhulisela abantwana bethu Kuye singabakhuliseli umhlaba; sibafundise ukuthi bangafaki izandla zabo ezandleni zomhlaba, kodwa bamuthande futhi bamesabe uNkulunkulu, futhi bagcine imiyalo Yakhe. Kufanele bathokoziswe umcabango wokuthi bakha umfanekiso woMdali wabo nokuthi uKristu uyisibonelo okufanele basilingise. Ukunaka okukhulu kufanele kunikezwe imfundo ezokwabelana ngolwazi lwensindiso, futhi izoguqula ukuphila nesimilo kubungcwele obufanayo. Uthando lukaNkulunkulu, ukuhlanzeka komphefumulo olukelwe ekuphileni kungathi izintambo zegolide, ezifaneleke ngokweqiniso. Ukuphakama umuntu angafinyelela kukho akukaqondwa ngokuphelele.

“Ukupheleliswa lomsebenzi kuyisisekelo esibanzi okufanele simiswe. Inhloso entsha kufanele ingeniswe futhi ithole indawo, nabafundi kufanele basizwe ukuba basebenzise izimiso zeBhayibheli kukho konke abakwenzayo. Konke okungaqondile, noma yikuphi okuguquliwe emzileni olungile, kufanele kuqondiswe ngokusobala futhi kugwenywe; ngoba ububi abufanele buqhubekele phambili. Kubalulekile ukuthi wonke uthishela kumele athande futhi athokozele izimiso eziphelele nemfundiso, ngoba lokhu ukukhanya okumele kubonakale endleleni yabo bonke abafundi.” 12

“Kepha wena khuluma lokhu okufanele isifundiso esiphilileyo” (Thithu 2:1).

Ukuze senze lomsebenzi kufanele sixhasane omunye nomunye futhi simise uhlu lokuxhumana ukuze lenhloso ipheleliswe. Okwamanje lapha eColombia, ngenxa yeOded Educational Foundation, sikhulisa indlela yokufunda ehlanganisa umuntu wonke. Siphokophele ukuthi sibuyisele umfanekiso kaNkulunkulu ebantwaneni bethu nakubasha, okwakuyicebo lokuqala likaNkulunkulu alimisa ukuze kubuyiselwe uhlelo lwemfundo. Abazali banomthwalo ukunikeza ukuxhumana okubalulekile noNkulunkulu-banikeze ngamava lawo avumela abantwana ukwabelana ngalokhu abakufundile emhlabeni uqobo. Nokho, akuwona umsebenzi wabazali; ibandla liba isisekelo sokusiza ukuba kugcwaliseke lomsebenzi omkhulu.

UNkulunkulu usibizela ukuthi siphile ngokukholwa, kodwa akusho kuphela ukuya enkonzweni noma ukulandela amasiko athize, kodwa ngokuvumela uKristu ukuba akhe izinhliziyo zethu nezimilo zethu. Lenguquko kufanele ibonakale endleleni yethu yokucabanga nokwenza.

Umsebenzi wethu wokuba ukukhanya emhlabeni kuqala ngemfundo yabantwana, abasha, nabadala ukuba bashumayele ivangeli. Kwangathi ukuhlakanipha kweNkosi kungaba isisekelo sethu, ukuze asinike ukuqonda nokusifundisa indlela okumele sihambe ngayo! (Izaga 1:7; Amahubo 32:8.)

Okuphathelene

1. *Education,* p. 33.
2. *The Desire of Ages,* p. 72.
3. *The Story of Jesus,* p. 30.
4. *Education,* p. 13.
5. *Christ's Object Lesson,* p. 332.
6. *Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 199.
7. *Education,* pp. 17, 18.
8. *Messages to Young People,* p. 148.
9. *Education,* p. 29.
10. Ibid., p. 16.
11. *Christian Education,* p. 122.
12. *Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 127.

UKUPHUMA

MANJE

Ngu-Barbara Montrose

Impilo yethu intenga-ntenga kangakanani!
Sibonile lomhlaba ubuze bawo
Ngandlela thize, siyakwazi ukuba lapha
Kunethemba ngoba iWundlu lihlatshiwe

Ukugxila eqinisweni lamanje
Kuzo zonke iziphazamiso-suka kuzo!
Ukufuna iNkosi yilokhu esikudingayo;
Ebukhoneni bukaKristu uqobo-hlala ngokuqinile.

Uhambo olude lokuphila kwethu akuwona umdlalo,
Ukushiya izipho Asiphe zona.
Kanjalo, yenza icebo lokulandela uKristu
Nokukhetha indlela Yakhe-yiba nesibindi, ube yiqhawe!

Imiphefumulo ekude naseduze ifuna iqiniso;
Kungaba oyedwa omaziyo olangazelayo….
Kugqitshwe enhliziyweni ehlolayo
Umlilo uyokhelwa, ushisa kancane.

Manje isikhathi sokukhuluma iqiniso ngobuqotho.
Ukuxabana nokungavumelani kuphelile;
Ukukhononda nezaba akusekho.
Masibonise ukukholwa kwizenzo zethu zonke!

Abaningi abalahlekile bayazula, banethemba;
Manje akusona isikhathi nethuba lobuvila.
Izwi likaNkulunkulu lizwakala kakhulu futhi ngokusobala
Manje isikhathi sokuqhubekela phambili!

Masihlome ngeqiniso phakathi kwenhliziyo yethu
Nezindebe ezokhelwe ngelahle,
Masikhuleke manje, "Nkosi, hola izinyawo zami
Kumuntu oyedwa othandekayo-kulowo mphefumulo!"

Ilanga liyashona; isikhathi sifushane.
Igunya elilodwa sonke esilaziyo:
UKristu wethu ovukile uyasibiza kakhulu ngokusobala-
Yebo, manje isikhathi! Phumani nihambe!